



# SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

USHICILELO 188 • APRIL 2016

## UMBIKO NGODLAME OLWALUBHEKISWE KWABOKUFika



**Esithombeni esingenhla:** UNggongqoshe weZolimo uCyril Xaba, uNgqongqoshe weZokuthutha nokuPhepha koMphakathi uMnu Willies Mchunu kanye neJaji uNavin Pillay ngesikhathi kwethulwa umbiko ngodlame olwalubhekiswe kwabokufika. **Isithombe:** ZANDILE SHANGE

Ikhomishana eyajitshwe nguNduankulu wakwaZulu-Natal umnumzane uSenzo Mchunu ukuthi iphenye ngezigameko zodlame olwalubhekiswe kwabokufika kuleli, isiwethulile umbiko wayo. Okuqgame kakhulu ngenkathi kwethulwa lombiko kube ukuthi loludlame lwaqalwa ukuncintisana phakathi kwabokufika luleli nosomabhizinisi abasakhosa kuleli ngokubangwa kwamathuba okuhweba nawemisebenzi. **Bheka udaba ekhasini 7**



**SilwisananeSifo seNgculazi neZifo zoCansi**

21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE  
DURBAN ICC 18-22 JULY 2016

This Is Your Life **Live It**  
Access Equity Rights Now



# OKUNGAPHAKATHI



## UKULUNGIWA KWAMADOLOBHA AMANCANE KULETHA INTUTHUKO EDANAWOZI

### IKHASI 3

Impilo yabantu baseDanawozi namaphethelo ngaphansi kwesifunda i-Majuba ayisophinde ifane neyangezikhathi zombuso wobandulululo, lapho khona intsha yakulendawo ibintula ingqalazisinda yezemidlalo, nobekuyisimo esiyinciphisela amathuba okuthuthuka futhi ebesenza igcine ilengela eweni lokubandakanyeka ebugebengwini kanye nasezidakamizweni.

### KUTHANDAZELWE UKUQINISWA KWEZINSIKA ZENTANDO YENINGI

### IKHASI 6

UNdunankulu uSenzo Mchunu ucele umhlangano woManyano IwamaWesile obuhlangene eGamalakhe ukuthi uthandazele ukuqiniswa nokuvikelwa kwezinsika zentando yeningi kulelizwe.

### ABASEBENZI BESIFAZANE BOMNYANGO WEZEMISEBENZI YOMPHAKATHI BABAMBE IQHAZA KWEZEMIDLALO

### IKHASI 8

Ulweshlanu lomhlaka 18 kuNdasa ku 2016 bekuwusuku lusuku olukhetekile kwezemidlalo kubo bonke abdlali abangabasebenzi boMnyango Wezemisebenzi yoMphakathi.

### UNKONYENI UHALALISELE ABADLE UBHEDU KUZWELONKE

### IKHASI 11

Injabulo ibibhalwe emehlwani kuMphathiswa wezeMfundu uNkk Neliswa Nkonyeni ehalisela abasebenzi abakonyeliswe unGqongqoshe wezeMfundu eyisiSekelo uNkk Angie Motshekga emcimbini obizwa nge Excellence in Education Awards.

### IYISIBUKO SESIFUDAZWE I-CONFERENCE CENTRE YOMNYANGO WAKWAPUBLIC WORKS ETHEKWINI

### IKHASI 14

Njengoba isiFundazwe iKwaZulu-Natal sisemkhankasweni wokonga imali yabakhokhi bentela (cost cutting measures), imiNyango eyahlukene kaHulumeni wesiFundazwe nayo yenza konke okusemandleni ukuthi kongiwe imali yabakhokhi bentela.

## MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushiclelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelzo zaHulumeni wesiFundazwe.

Ishicilelwu kabi ngenyanga.

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwu esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana nehhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma thami.ngwenya@kznpremier.gov.za.

Ithimba elihlanganise iphephandaba:

**Umhleli omkhulu:** Thamsanqa Ngwenya

**Umhleli wezindaba:** Sibusiso Magwaza

**Umhleli wamakhasi:** Bonga Khoza


**Abezithombe:**

Zandile Shange no Yolanda Zondi

© KZN Provincial Government



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL  
ISIFUDAZWE SAKWAZULU-NATALI





## UKULUNGISWA KWAMADOLOBHA AMANCANE KULETHA INTUTHUKO EDANAWOZI

Siyajabula-ke ngoba intsha yalapha ayizugcina nje ngokuthi izicije amakhono ayo kwezemidlalo enhlobo-nhlobo, nokuyinto ezosiza ukubabeka ethuben i lokuncintisana emazingeni ezwe

### VERNON MCHUNU

mpilo yabantu baseDanawozi namaphethelo ngaphansi kwesifunda i-Majuba ayisophinde ifane neyangezikhathi zombuso wobandulululo, lapho khona intsha yakulendawo ibintula ingqalasizinda yezemidlalo, nobekuyismo esiyinciphisela amathuba okuthuthuka futhi ebesenza igcine ilengela eweni lokubandakanyeka ebugebengwini kanye nasezidakamizweni. Ngeledlule uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdbu KwaZulu-Natali, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, wethule ingqayizivele yohlelo olukhombisa ngokusobala ukuthi nakulezizakhamizi uthingo Iwenkosazane seluze Iwavela mayelana nenhlalo yazo. Nakuba umongo waloluhlelo

oluxhaswe ngumnyango wakhe ngo R25 million, olwethulwe ngoLwesibili olwedlule kuyinxanxathela yesakhivo sezemidlalo, kepha uMhlonishwa uDube-Ncube, ukugcizelele ukuthi umthelela omkhulu wesakhivo lesi uhamba ugamanxe ngale kwezemidlalo. Uthe sizosiza ekuthuthukiseni umnotho ngokuthi abantu basendaweni bathole imisebenzi; selekelele ekuqoqeni intsha ingabi wuvanzi olungagcina iuyengeleleka emikhuben emibi efana nobugebengu nezidakamizwa; ukucijeka kwamakhono kanye nokuthuthuka kwezokuvakasha (njengoba sekuzoba nemidlalo eheha abasuka kwezinye izingxeneze zewze bezoncintisana kulesisakhivo), phakathi kokuningi. "Kusukela ngonyaka ka 2012,

umnyango wethu ufinyelelise kulendawo uhlalo lokuvuselela amadlobha amancane noma amadlobha asemakhaya.

Ngaphansi kwaloluhlelo umasipala wase Danawozi nawo uthole uxhaso lokuthi kuvuselelw izakhiwo zengqalasizinda.

Inhlosi yaloluhlelo wukuba amadlobha abese edelelekile asemakhaya avuselelw ingqalasizinda yavo ukuze akwazi ukuzikhiqizela amathuba ezomnotho futhi ahehe nabatshali-zimali kanye nezokuvakasha," kuchaza uDube-Ncube.

"Ngakho-ke ukulekelela kwethu singu Cogta ukwakha ilesakhiwo kuhambisana nemigomo nemibandela yohlelo lokuhlumelelisa amadlobha lawa amancane. Siyajabula-ke ngoba intsha yalapha ayizugcina nje

ngokuthi izicije amakhono ayo kwezemidlalo enhlobo-nhlobo, nokuyinto ezosiza ukubabeka ethuben i lokuncintisana emazingeni ezwe kanye nawomhlabo njengoba sazi ukuthi komakhelwane babo eNyonikhahlela (Newcastle) baningi abadlali abavele khona ngenxa yokuthi amalokishi akhona wona abenazo izinkundla zemidlalo ezincuba-ngconywana.

Kepha intsha yalapha izophinde ihlomule emathuben emisebenzi, ithole nesipiliyon sokuthi nxa isifisa ukuqhubeleka phambili kube khona ekufumbethe esandleni.

Futhi sijabula ngoba ukuzibandakanya kwezemidlalo kubagcina bemataso bengenaso isikhathi semikhuba emibi nengalimaza ikusasa labo," kusho uDube-Ncube, ogcizelele ngokuthi

lesisikhungo sifike kahle kulendawo ngesikhathi izwe lase Ningizimu Afrika likhumbuzana futhi likhuthazana ngokubaluleka nokuvikelwa kwamalungelo abantu.

Ungqongqoshe udonse ngendlebe izakhamizi ukuba zisingathe ilesisikhungo, singagcini siyisisulu sezigilamkhuba ezilimaza impahlala kahulumeni, esho khona ukuthi phela izikhungo ezinjena, ziyifa langunaphakade ezizukulwaneni ngezizukulwane.

Ululeke umphakathi ukuthi nomangabe kukhona okhala ngakho, kepha ungazwakalisi izikhalo ngokuthi "udlalele" kulesisikhungo ngoba lokho kuyoba ngukuzigwaza ngowabo isibili.

### 21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE DURBAN ICC JULY 18-22, 2016

*"Strengthening the Fight  
Against HIV and AIDS Pandemic"*



ACCESS • EQUITY • RIGHTS NOW !

# UHLELO LUKA SUKUMA-SAKHE LUSONDEZA UHULUMENI KUBANTU

■ Amathuba emisebenzi awahanjisa kahle njengoba uma kulethwa amathenda akhishwa iminyango kaHulumeni, babona ubuso abangabazi lokho kudala ukuthi isinkwa sendawo siyodliwa engxenye.

CUTHBERT NZUZA KANYE NO SIBUSISO MAGWAZA

**K**ube umzuzu omuhle ngesikhathi uHulumeni waKwaZulu-Natali oholwa umnu Senzo Mchunu uvakashele eMkham bathini. Ukuvasha kwabaholi besiFundazwe kulendawo bekuhloswe ngakho ukuyohlolwa komsebenzi osewenzive uhulumeni kulendawo. Enye yezinhliso zaloluhambo ukuzizwela izikhalo zomphakathi. Bonke oNgqongqoshe besiFundazwe bahambabe lomphakathi bathola nethuba lokukhuluma nomphakathi waseMkham bathini ngezinkinga ezahlukene kanye nentuthuko.

Umkhandlu waseMgungundlovu ubumelwe imeya yavo umnu Yusuf Bhamjee kanti umkhandlu wendawo ubumelwe amakhansela.

Uhlelo luka Operation Sukuma Sakhe yilo olubhekela ukuthi abantu babambisane nohulumeni ekutheni izindawo abakhe kuzo zithuthukiswe. Yilo loluhlelo olwenza kubelula ukubuka umsebenzi osewenzive uhulumeni kuwononke amazinga nosasilele.

Ukufinylela kwentuthuko kubantu kulele ezandleni zabo ngoba uma behleli nayo iyahlala. Ukusebenza kwama-war rooms, osompilo, kanye namakhansela yikho okwenza izikhalo zabantu zisheshe zibhekelelwe uhulumeni.

Ngombiko othulwe imeya umnu Yusuf Bhamjee utho into ehlupha abantu abakhele lomkhandlu waseMkham bathini izinkinga azaziyo wabe esebala: amanzi, ugesi, izindlu kanye nomgwaoqo. Into angayishiyanga enkulumeni yakhe indaba yesomiso esihlasele iKwaZulu-Natali njengoba sagcina ukuhlasela iesisiFunda eminyakeni engaphezelu kwamashumi amabili neminyakana. Ngokwamaphesenti umeya utho imali eningi isetshenziswa ukulunginsa inggalasizinda.

Umeya utshele umphakathi ukuthi njengoba bekwazile ukuletha amanzi lapho ebengakaze abekhona, abasebenzise izindlela ezinqala zokuwonga njengoba isiFundazwe sihlaselwe isomiso. Uqhube wathi yize wonke umuntu enelungelo ngokomthetho wezwe ukuthi athole amanzi, kungakuhe ukuthi abantu babambisane noHulumeni ekulweni nengwadla yamanzi. "Lokhu kungasiza umphakathi wethu ekutheni



izingane nomphakathi bahlale bephila uma izindlela zokonga amanzi zingahlionishwa umuntu wonke" kusho uBhamjee. Uqhube wathi ukunqanyulwa kwamanzi ngeke kwenzeke uma kubanjiswana.

"Amanzi assetshenziswa abantu, izilwane kanye namafemu yingakho kubalulekile ukuthi ongiwe" kuqhuba uBhamjee.

Okuhle ngomasipala waseMkhabathini ukuthi usahlizeka abantu ngamanzi ahlanzekile. Ube esebeka ukuthi umasipala wendawo unesabelo onaso sokubhekana nezikhalo zabantu ngoba iwona oseduze nomphakathi.

Ikhansela lendawo yaseMkham bathini uVukani Mthethwa uncome ozakwabo ngokuthi benza kube lula ukuthi izifiso zikahulumeni zifezeke.

Uncome iminyango kahulumeni ebasisayo kakhulu njengeyezoKuphepha, ezoLimo, ezokuThutha, ezeMpilo, ezeNhlatakahle kanye neyeZemfundo ebasisiza kakhulu ekubhekeni izinkinga zemiphakathi njengoba ibakhona kwimihlangano yama-war room nakwimihlangano kamasipala waseMkhamabathini.

Ubesekhala ngomnyango wezokuHlaliswa kwabantu ngoba izindlu ezazihlelelwe ukuthi zizokwakhiwa sekuphele eside isikhathi zingakhiwe nombiko wazo

awutholakali ekutheni bazi ukuthi izinkinga zikuphi kulolo hlelo.

Isakhamuzi uWinnet Shelembe ukhale kuNduNankulu ngokuthi uhulumeni uyawaveza amathuba emisebenzi kodwa kuvele kuqhamuke oqhibukhowe babantu abangabazi bazoncela emgodleni wabo. Lokhu kuncishwa kwamathuba ezingane zendawo eziqede ukufundela amakhono emanyuvesi kuyinto ebakhathazayo. Amathuba emisebenzi awahanjisa kahle njengoba uma kulethwa amathenda akhishwa iminyango kahulumeni, babona ubuso abangabazi lokho kudala ukuthi isinkwa sendawo siyodliwa engxenye. Unxuse ukuba kuvulwe ithimba elizophanya lomkhuba. Wenze isiphakamiso sokuthi iwadi ngewadi ibhekelele abantwana abafundile ukule bakwazi ukuthola imisebenzi uma kunezinto ezilethwa uhulumeni.

Ukhale nangokwakhiwa kwezikole zabantu abaphila ngokukhubazeka njengoba behamba amabanga amade uma beyothekelwa imfundu.

OkaShelembe ukhale ngomnyango weZamaphoyisa ngokungasukumeli phezulu uma kunezikalazo zomphakathi.

abantu baseMkhamabathini bathole ithuba elihle lokuthi izinkinga zabo bazibeke kuNduNankulu umnu Senzo

Mchunu kanye nekhabhinethi yakhe. Lelithuba lenze zonke izinkinga ezingaxazululekile kuma war room nasemakhanseleni nakumasipala zithathe elinye igxathu lokuthi zibikwe kuhulumeni.

Yingakho u Operation Sukuma Sakhe ube eseza nohulumeni kulendawo ukuze uzozizwela yena ngezinkinga zabantu.

OkaMacingwane ube esetshela abantu ukuthi ayikho inkinga engezubhekwa uhulumeni awuholayo. Wabazisa abantu ukuthi yini inhoso ka-Operation Sukuma Sakhe, usebenza kanjani kanye nokuthi abantu bangasizakala kanjani ngoSukuma Sakhe. Uthe abantu behlangene nohulumeni bayakwazi ukuza nesisombululo ekubhekaneni nezinkinga zomphakathi.

Uthe kuhlezi kubalulekile kuhulumeni ukuthi ezwe ukuthi umphakathi unaziphi izikhala zo nokuthi abantu bathini.

Uthe lento yenza ukuthi uhulumeni abe esazi ukuthi uma kukhona izinhlelo asukuma nazo eseyozenza uzenza ngalo iqholo nomyalelo wabantu.

Lesiqubulo esithi Operation Sukuma Sakhe senza abantu bafunde ukusukuma bazisize bangahlali phansi futhi basebenzisane nohulumeni ukuze kushintshe izimpilo zabo ezindaweni zabo. "Okubalulekile ukuthi ngeke ushintsho lufike kuwe

uzihlalele uhlezi wenebe yingakho ekhuthaza abantu ukuthi abasukume bakhe" kuqhuba UNDunankulu.

OkaMacingwane ube eseveza ukubaluleka kwama war rooms neqhaza alenzayo ukushintsha izimpilo zabantu, nokwenza isikhungo lapho umphakathi uba nendawo la obeka izinkinga zawo kuhulumeni. Ama war rooms aletha uhulumeni kubantu futhi enze isiqiniseko sokuthi abantu bayakwazi ukuba nezwi elizwakalayo kuhulumeni

UMacingwane ube bezibuzela ngqo kumakhansela ukuthi imibiko yama-war room ishonaphi ngoba akakaze athole ucingo noma athole incwadi embikela ngesimo sendawo uze wazizela yena.

Uthe akufanele ize imibiko ikhishwe ngoba sebefikile bewuhulumeni kubehlona uSukuma Sakhe.

UMacingwane ube esazisa umphakathi ukuthi kwensiwa njani uma kunenkinga futhi uma abantu bengaphenduliwe umnyango.

Uthe abobhala enye incwadi noma bashaye ucingo noma bathume usihlalo, ikhansela, ukuze uchampion eyozwa ukuthi incwadi ayifikanga yini. Ephendula imibuzo uMacingwane utho amathuba emisebenzi aseyinkinga ezweni lonke ngenxa yesimo somnotho esihlasele izwe lonke. Uthe, i-EPWP izozama ukuthi ilethe imisebenzi kubantu ngoba inhoso ukuthi umuzi ngomuzi ube nomuntu osebenzayo.

Ubesecela ukuthi abantu babekezele kulesisimo somnotho ontengayo. Wacela ukuthi izinkampani ezakhele uMkham bathi zingaphazanyiswa futhi zingahlaselwa ngoba lokho kuzonciphisa lamathuba omsebenze avele engekho.

Uthe bona njengohulumeni banxenxa izinkampani ukuthi zizezindaweni zethu, manje bacela ukuthi kubanjiswane ukuze amafemu angavali bese esuka kulendawo. Ucele umphakathi ukuthi ukuzane wodwa ngoba uma ehamba abamafemu kusho ukuthi inkinga yemisebenzi engekho iyanda. Uthembise ukuthumela ithimba longqongqoshe ukuba liroxisane nalamafemu ngenhoso yokuthi angavali futhi angasheshi ukudilizila abasebenzi.

This Is Your Life  
Live It

Access • Equity • Rights Now



# SEKUVULIWE UKUNGENELA UMQHUELWANO KA-2016 OBIZWA NGE-GOVAN MBEKI AWARDS

UMnyango Wezokuhlalisa Kwabantu KwaZulu-Natali usuhlabane iminyaka emibili ilandelana ngomklomelo we- Best Performing Province of the Year kuyona i- Govan Mbeki Awards.

## SIYABONGA SIGWEBELA

-Govan Mbeki Awards umqhudelwano waminyaka yonke oholwa nguMnyango Wezokuhlalisa Kwabantu kuZwelone.

Lo mcimbi usingathwa yiminyango yezoKuhlalisa Kwabantu yakuzona zonke izifundazwe eziyishagalolunye, bese kuthi ekugcineni, bonke abadle umhlanganiso ezifundazweni zabo baqhadelane esigabeni sikazwelone.

Inhloso yaloku kuklonyelisa ukugqquzelu isiko lokusebenza ngokuvelele ekuhlinzekeni ngezidingo zomphakathi, kubo kuqinisekiswa nokuncintisana okunesasasa kwabambiqhaza kwezokuhlalisa kwabantu.

Ukfakwa kwezicelo kulomqhudelwano (applications) kuzovulwa maduze.

Amafomu okungenela

umqhudelwano azotholakala ku-website yoMnyango ethi: [www.kzndhs.gov.za](http://www.kzndhs.gov.za), nasemahovisi omnyango.

Kucelwa ukuba ababambiqhaza kwezokuhlalisa kwabantu, okungomasipala, ama-Implementing Agents, osonkontileka (Contractors) kanye nezikhungo bafake izicelo ngokuthi bagcwalise amafomu ukuze bakhombise ngemiklamo nemisebenzi yabo.

Le miklomelo izohlinzeka ubufakazi obuphathekayo maqondana nokuzibophezelu kwenu ekuhlinzekeni ngezidingo zomphakathi.

UMnyango Wezokuhlalisa Kwabantu KwaZulu-Natali usuhlabane iminyaka emibili ilandelana ngomklomelo we- Best Performing Province of the Year kuyona i- Govan Mbeki Awards.



## Umnyango wezokuhlalisa kwabantu uyaqhube ka nokushintsha izimpilo zabantu



UHlengiwe Kunene

## SIYABONGA SIGWEBELA

UHlengiwe Kunene wazalelwu futhi wakhulela elokishini elincane Osizweni e-Newcastle. Bazalwa baba bane kubo kanti uyise nguyenya yedwa ofaka isaka lempuphu ekhaya. Nakuba ehlangabezane nezinselelo eziningi, uye wawuphuthula umatikuletsheni wakhe, lapho-ke ube esefaka izicelo zomfundaze ukuze afezekise iphupho lakte lokuba leziyu ze-Civil Engineering.

Umfundaze awuthola eMnyangweni Wezokuhlalisa Kwabantu wayishintsha impilo yakhe futhi wabona ukuthi uzolifeza iphupho lakte. Uyise wayengaholi imali etheni kanti ekhaya kukuningi okumbhekile ukuba akwenze, kwezinye izikhathi, uHlengiwe wayeke afikelwe umcabango wokuthi angabe esaqhube ka nezfundo zakhe.

Nokho-ke, umfundaze wamlekelela wafundela i-Civil Engineering enyuvesi yezbuchwepheshe (Mangosuthu University of Technology). Ukugxila

kwakhe ezifundweni zakhe kwaholela ekutheni aphothule athole iziqu ze-Diploma ye-Civil Engineering. Njengamanje uHlengiwe uqashwe uMnyango uyi-candidate Engineering Technician futhi weskwa yinkampani ezimele ukuze athole ulwazi lomsebenzi, okuwuhlelo Iwakhe lokuqeleshwa. Ubuye wahlabana ngomklomelo obizwa nge-Merit Award for Best Performing Student awuklonyelisa nguNgqongqoshe wezokuHlalisa Kwabantu kuma-Govan Mbeki Awards awezi-2015. Lokhu kwase kuwuphaphe Iwesibili Iwegwalagwala njengalokhu esake wazuza omunye umklomelo e Mangosuthu University of Technology obizwa nge-Dean's Recommendation for Excellent Academic Performance ngesikhathi esafunda.

UHlengiwe ubonga uyanconcoza eMnyangweni ngokushintsha impilo engabali eyakhe kuphela, kepha ebala nempilo yomndeni wakhe.

## Uthulwe ngokusemthethweni umbukiso wezithombe i-Proudly KZN

### SANELISIWE MABIJA

UMnyango Wezobuciko Namasiiko KwaZulu-Natali uthule ngokusemthethweni umbukiso wezithombe e-Durban Art Gallery.

Lo mbukiso kuhloswe ngawo ukukhombisa amasiko akulesi sifundazwe agcinya ngokuhluhluhlu kawa.

UMnyango wenze ucwaningo ezifundeni zakulesi sifundazwe okungesasoGwini, i-Harry Gwala, i-Zululand, uMgungundlovu, uMzinyathi kanye noMkhanyakude. Izithombe ezithathwe kulezi zifunda zikhombisa ziphinde zifundise ngobuhle obahlukahlukene balesi siFundazwe.

"Ezinye zalezi zithombe zixoxa indaba ngokuhombisa amasiko esingabala kuwo uhlolo oluthile lokudoba olwaziwa ngokuthi utshwayelo.


Lolu hlobo lokudoba oseludluliselwe kwizizukulwane nezikulwane zesizwe samaThonga esizin eMkhanyakude ngase-St. Lucia Waterlands Park. Kuphinde kubo khona nezithombe zesizwe saBatlokwa esizin eNquthu, nezamanye amaciko akulesi sifundazwe adume umhlabo wonke ngemisebenzi yavo," kubeka iNhloko Yomnyango uSibongile Nzimande.

Lolu hlelo lokubukisa ngezithombe kuhlele ukuthi lufakwe ezinhlelweni zomnyango zamnyaka yonke.

Lezi zithombe zizophinde zibukiswe nase-King Shaka International Airport kusukela ngoNhlanguana kuya kuMandulo, okuyingxenyenye yesivumelwano



UNkk Sibongile Nzimande uvule ngokusemthethweni umbukiso wezithombe eDurban Art Gallery lombukiso ukhombisa amasiko nobuciko kwakulesi siFundazwe saKwaZulu-Natal. Izithombe: LUNGI CHILI



somnyango nalesi sikhumulo sezindiza. Labo ababambe iqhaza kulo mbukiso babongwe ngamabhukwana anazo zonke izithombe ebezikhonjiswa kanye

nezingakhonjiswa. Lo mbukiso uzokhonjiswa e-Durban Art Gallery kuze kubo nguNhlaba wezi-2016.

# UNDUNANKULU UCELE UMHLANGANO WOMANYANO IWAMAWESELI UKUTHI UTHANDAZELE UKUQINISWA KWEZINSIKA ZENTANDO YENINGI

■ Ukubaluleka kwesonto kuyingenxa yokuthi kulona kukhona UNkulunkulu ohlenga aphinde avikele sonke isizwe.

## SIBUSISO MAGWAZA

**U**Ndunankulu uSenzo Mchunu ucele umhlangano woManyano IwamaWesile obuhlangene eGamalakhe ukuthi uthandazele ukuqiniswa nokuvikelwa kwezinsika zentando yeningi kulelizwe.

Ukhulumo kanje ngenkathi ethula inkulomo yakhe yosuku kulomhlangano obuhanjwelwe amaseketho omama bebhantshi baso sonke isifunda sakwaZulu-Natal kuLangana neMatatiele.

Uthe uyabonga ukuthi sekungokwesibili ehlanganya nabenkolo yamaWesile kulonyaka.

Okokuqala uhlangane noDodana IwamaWesile Eshowe ngesikhathi sePhasika, naku manje esehlangana noManyano oohlangana minyaka yonke eGamalakhe.

UNDUNANKULU EKHULUMA kulomhlangano utshela amakholwa ukuthi imithandazo yawo ingakwazi ukuvikela isizwe sethu enkingeni yokungazi nezinkinga ezikhungethe izwe lethu okubalwa kuzo ngisho nesomiso.

Ubale izinhlaka ezintathu athe zibaluleke kakhulu kunoma yiliphi izwe eliqhuba ngentando yeningi futhi eliphokophelele inqubekela phambili. Ubale ukusebenza kwezisebenzi zikaHulumeni (public sector), ukusebenza kwezimboni eezizimele (private sector) kanye knokusebenza kwezinhlango zomphakathi okubalwa kuzo ngisho namasonto.

Uthe isonto libaluleke kakhulu kuzona zontathu lezizinhlaka, kanti ubukhona balo ngeke babukelwa phansi kulesisikhathi ekubonakala ngaso ukuxega kwezimilo.

Uqhube wathi iqhaza elibanjwe isonto libalulekile kakhulu kulesisikhathi njengoba iningi labantu libukeka lilahlekela yithemba.

"Ukubaluleka kwesonto kuyingenxa yokuthi kulona



UNDUNANKULU waKwaZulu-Natal uMnu Senzo Mchunu ngesikhathi ehambele umhlangano woManyano IwamaWesile obuse Gamalakhe lapho obekuthandazelwa khona ukuqiniswa nokuvikelwa kwezinsika zentando yeningi kulelizwe. Isithombe: **ZANDILE SHANGE**

kukhona UNkulunkulu ohlenga aphinde avikele sonke isizwe" kusho UNdunankulu.

Ukhumbuze inzalabantu ukuthi ukungakwazi ukulawuleka kwalezinhlaka zontathu esizweni kusho ukufihala kwamathemba nokulahleka kwezimilo ezenza ukuthi umphakathi uhlonipheke.

Uthe uHulumeni wabantu akumele nakancane ukuthi ube nephunga lenkohlkalo.

Uthe kumele bonke abasebenzi bakaHulumeni basebenze ngokulandela imigomo futhi basebenzele abantu.

Uthe usemkhulu kakhulu umsebenzi wesonto ekwalulekeni nasekusekeleni uHulumeni kanye

nosopolitiki ukuze bangaduswa ukufuna ukugombela kwesabo beshiya umphakathi ubulawa yindlala. OkaMacingwane uthi ukuqina kwezimilo yikho okungumongo wokuba nesizwe esinabasebenzi abaqotho futhi abayisibonelo emphakathini.

Uthe isizwe esithanda inqubekela phambili siyayemukela imibono noma ngabe ivela kuluphi uhlaka lwempilo ikakhulukazi uma ivela emasontweni.

Uthe abamasonto abangayekelisiwe ukuthi lipathwe osopolitiki bebobwa, futhi abangamdkili uHulumeni kodwa abakhuze uma bebona izinto zingahanjiswa kahle. Uthe akekho noyedwa ongathi

ipolitiki ayimthinti nakancane, wathi ngisho nezingumo ezithathwa ngosopolitiki zisithinta sonke.

Uthe ngokwazi kwakhe abukho ubufakazi bokuthu UNkulunkulu uyaphikisana nepolitiki.

UNDUNANKULU Ukhulume ngepoliti ni njengesijingi esicaphuna kuso sonke ukuze sense izimpilo zethu zishintshe. Wathi akubanga yiphutha ukuthi ezenkolo kanye nepolitiki kudale indima enkulu kumzabalazo wokukhulula lelizwe.

Uqhube wathi" UNkulunkulu wasinikeza lomhlaba ngoba efisa ukuthi sijabule kuwo". Uthe uyakholelwu ukuthi uNkulunkulu mkhulu futhi uysinakelela isizwe yingakho yena njengoNdunankulu

noHulumeni wesiFundazwe beyibonga kakhulu imizamo yesonto ukuhlumelelisa izimilo zabantu. Uthe inhlango yakhe okunguKhongolose ilihlonipha kakhulu isonto nemisebenzi yalo, ikakhulukazi leli laseWesile ngoba ilapho lenhlangano izalelwu khona ngabo 1912. Uthe uyathemba ukuthi isonto lizoqhubeka nokubamba iqhaza elibonakalayo ukuvuselela isizwe, nasekuholeni umphakathi ukuze kubopheke amanxeba nezibazi ezidalwe izinsizi nezinhupheko esiphila ngaphansi kwazo. Ubesenxusa ukuthi isonto lingalinge ligudluke ekwalulekeni isizwe noHulumeni.



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL  
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI



**21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE**  
**DURBAN ICC JULY 18-22, 2016**

**"Strengthening the Fight  
Against HIV and AIDS Pandemic"**



# UBUMBANO UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATAL ETHULWA UMBIKO NGODLAME OLWALUBHEKISWE KWABOKUFKA

Sizokwenza isiqiniseko sokhuthi bayahlangana nazo zonke izinhlaka ezithintekayo ukuze kugwenywe isimo esifana nalesi ngesikhathi esizayo.

## SIBUSISO MAGWAZA

**N**gokuthola kwalelikhomishane osomabhzini bakulele babebona sengathi abokufika bathatha isinkwa sabo. Lokho bekuthatha njengokuphucwa iqatha emlonyeni. UNdunankulu walesisiFundazwe wabona kungcono ukuthi ajube leKhomishana ukuthi iphenye bese yethula umbiko onezincomo ezizolandelwa uHulumeni ukuze loludlame lungaphindi lwenzeke. UNdunankulu wethembise ukuthi kuzophuculwa ezobudlelwane nokuxhumana phakathi kwesiFundazwe sakwaZulu-Natal namazwe ase Afrika ngethembisa lokuthi lokhu kuzoba nomthelela omuhle kuzona zonke izinhlaka zomphakathi walesisfundazwe.

Amukela lombiko UNdunankulu uthe yena neKhabhinethi yakhe yonke bayawemukela lombiko othembisa ukuthi isiFundazwe sizovula ikhasi elisha nokuthi njengesiFundazwe sebezalwe ngokusha okungahambisan nokucwasa. Iningi kulesisiFundazwe kanye nezingqapheli zimshayele ihlome uNdunankulu ngokuthatha igxathu elifuze leli. Kuzokhumbuleka ukuthi ingenkathi loludlame lubhebhetheka abaningu babekhalu

ngokuthu UHulumeni akenzi okusemandleni ukulunqanda, yingakho uNdunankulu abona kuyisu elihle ukujuba lekhomishani ezimele ukuthi iphenye.

UMholi weKhomishani uNavin Pillay owabe ejijaji elimele amalungelu esintu kwiNhlangano yesizwe ukubeke kwacaca ukuthi izinkinga ezibhekene nesimo nehlalo okumbandakanya nokungabi khona kwamathuba emisebenzi nokungasimami komnotho yikho abakuthole kuseqhulwini ezinkingeni ezidala loludlame. IKhomishana ivumelene noNdunankulu ukuthi imicabango (perceptions) yabanangi abebekholewa ukuthi isenzi sesitolo sakwa Jeena eSiphingo sokuxosha abakuleli yaqasha abokufika, saba nomthelela ekuqubukeni kwalomilo.

IKhomishana ayizange ikuthole lokhu njengeqiniso futhi ayizange ibuthole ubufakazi obuqanda ikhando ngalohukucabanga. Ikhomishane iphakamise ukuthi kwakhiwe uhlaka lokuxhumana ukuze kunciphiswe igeba lokubhekana ngezikhondo zamehlo. Income ukuthi akwakhwiwe izinhlelo zokufundisa nemikhankaso efundisa abantu ukuthi nakuba singaba abantu



Ijaji uNavin Pillay, UNdunankulu uSenzo Mchunu ophakathi kanye noSolwazi uPaulus Zulu ngesikhathi kwethulwa umbiko ngodlame olwalubhekiswe kwabokufika. Isithombe: **ZANDILE SHANGE**

abavela ezindaweni ezahlukene, kodwa singumuntu oyedwa.

Iphakamise ukuthi kugxekwe ukukhuluma izinto ezidala uhlevana nokubiza abantu ngamagama ayiziswana.

Ewamumela lombiko egameni lezakhamuzi zakwaZulu-Natal kanye noHulumeni wesiFundazwe, UNdunankulu uthe, uyaqiniseka ukuthi lezizincomo zizosabalaliswa kuHululumeni wonke futhi

bazokwenza isiqiniseko sokhuthi bayahlangana nazo zonke izinhlaka ezithintekayo ukuze kugwenywe isimo esifana nalesi ngesikhathi esizayo.

## Umnyango wezamaciko uxwayisa abantu ukuthi bangathengi imisebenzi yamaciko ekungeyona

### SIHLE SIKHAKHANE

UNgqongqoshe Wezamaciko Namasiko KwaZulu-Natali, uNkk Ntombikayise Sibhidla-Saphetha kade ehambele ku-ward 7 eMbo ngaphansi koMkhambathi waxwayisa umphakathi ngokuthenga umsebenzi wamaciko ongumkokotelo.

USibhidla-Saphetha uhambele le

ndawo ngenhoso yokuqhuma uhlolo luka-Sukuma Sakhe.

Uqale uhumbo lwaKhe ngokuba avakashele isikhungo esinakekela

izingane esikule ndawo, i-Embo

Care Givers, wabe-ke esedlulela

emtholampilo i-Embo Clinic Iapho

evule ngokusemhethweni umtapo

wolwazi okuwona lo mtholampilo.

UNgqongqoshe kanye nethimba abehambisana nalo bahlangane nomphakathi wakuleya ndawo

ehholo i-Empekula Community Hall, Iapho umphakathi uye wathola ithuba lokubanekela ngezingqinamba obhekene nazo.

UNgqongqoshe ube esevela ngokusemhethweni ama-War-Room, okuyilapho umphakathi uzokwazi ukuhambisa khona izikhalo zavo.

Wabe esechaza kabanzi maqondana nokubaluleka kwama-War Room nokuthi yimphi imigudu abazoyilandela uma behambisa izikhalo kuwona.

UNgqongqoshe uphendule imibuzo yomphakathi ngokubambisana nabaholi bendawo.

Emyalezweni wakhe wosuku, uNgqongqoshe ukhuze ukuthengwa kwemisebenzi

eyahlukahlukene yaMaciko engumkokotelo.

"Kuyicala ukuthenga imisebenzi yabanye abantu ngomgonyathi. Ukwenza lokhu kubulala imisebenzi emihle eyenziwa aMaciko ethu", kuchaza UNgqongqoshe.

"Amaciko ethu adlula emhlabeni engasenamali ngenxa yokuthi thina sithenga imisebenzi yabo emigwaqeni, ngokwenza lokhu sintshontsha isinkwa sabo," kuchuba uSibhidla-Saphetha.

Ube esenikezelwa ngezingqwembe ezixwayisa ngokuthenga imisebenzi yamaciko engumkokotelo. Weluleka ngokuthi kubalulekile okubhalwe kulezi zingqwembe zokuxwayisa, ngakho-ke kuzomele

umphakathi uzifunde.

UNgqongqoshe ugcizelele ukubaluleka kokuthi umphakathi uzazi iziMpawu zeZwe. Lo mkhankaso oqalwe yilo mnyango ngenyanga edlule, usufike kwelinje igxathu njengoba ubukade ugale ezikoleni.

"Kubalulekile ukwazi nokuqonda ngeziMpawu zeZwe. Singabazali, asigqugquzele izingane zethu ukuba zifunde ngalezi ziMpawu.

Ukwazi ngeziMpawu zeZwe kukhombisa ukuzigqaja ngezwe lethu," kuphetha uNgqongqoshe.

Ube esenikezelwa ngezithombe ezinkulu ezinezincazelo ngalezi ziMpawu zeZwe. Wagqugquzelwa ukuthi zidluliselwe nasezinganeni, ukuze zifunde ziqonde ngalezi ziMpawu.

Khona manjalo uMnyango Wezempiro uthule ngokusemhethweni uhlolo olubizwa nge -Phila Mntwana.

Lolu hlelo oluzoqhutshwa khona ehhola lomphakathi kuhloswe ngalo ukunakekela ngokwezempiro izingane ezisencane nomama bazo.

Umcimbi uvalwe ngokuthi uNgqongqoshe anikezele ngezimpahla zokudlala esingabala kuzo amajezi okudlala imidlalo ehlukahlukene emaqenjini akule ndawo. Kwathi ezinkulisa zendawo khona wanikezelwa ngamatheyizi okufundisa.

**"Amaciko ethu adlula emhlabeni engasenamali ngenxa yokuthi thina sithenga imisebenzi yabo emigwaqeni, ngokwenza lokhu sintshontsha isinkwa sabo,"**  
Sibhidla-Saphetha.



# ABASEBENZI BESIFAZANE BOMNYANGO WEZEMISEBENZI YOMPHAKATHI BABAMBE IQHAZA KWEZEMIDLALO

■ Abadlali abebekhona babambe iqhaza eboleli lomnqakiswano kanye nelikanobhutshuzwayo (abesifazane nabesilisa).

## VUSI SHABALALA

**U**Iwesihlanu lomhlaka 18 kuNdasa ku 2016 bekuwusuku lusuku olukhethekile kwezemidlalo kubo bonke abadlali abangabasebenzi boMnyango Wezemisebenzi yoMphakathi.

Lona beku kungumqhudelwano wokuqala wezemidlalo osemthethweni obusiswe nangukufika kwabaphathi bezokwese ka imikhankaso enhlobonhlobo yezemidlalo okuyi 'work and play', 'siyadlala – let's play', neminye.

Imiqondo esebezayao idinga imizimba ephilile neyondlekile.

Ngokubuka uhlelo lomcimbni, kubalulekile ukabalula ukuthi lona ubuyinqayizivele, yize bezingeziningi izinhlobo zemidlalo ohlelweni losuku ngenxa yezizathu ezithile zokuhleleka.

Abadlali abebekhona babambe iqhaza eboleli lomnqakiswano kanye nelikanobhutshuzwayo (abesifazane nabesilisa).

Wonke amahhovisi ezifunda kanye neNhlokokhovisi bekumelekile ngokulinganayo. Ngale kokuthi uhlelo luqale

sekndlule isikhathi kodwa bakwazile ukubamba isikhathi, okubonakale kuyisifundo esihle impela.

Ngenkathi uhlelo luqhubeka, ubuzibonela nje ukuthi abesifazane bezeMisebenzi yoMphakathi abebbambe iqhaza emidlaleni, okungaba abadla umhlanganiso kumbe abangahlabananga ngalutho, impela babeyizikhokho.

Mhumbula njalo, ukuthi kulo mquhdewano bekunezhinlolo ezimbili zemidlalo nje kuphela, kanti abadlali bethu besifazane bebegadavula kuzona zombili lezi zinhlobo zemidlalo (okuyibhola likanobhutshuzwayo kanye nelomnqakiswano) ekubeni ozakwabo besilisa bona babamba iqhaza eboleli likanobhutshuzwayo kuphela.

Bekwenzeka ukuthi omunye umdlali wesifazane azithole esemela iqembu lakhe kuyona yomibili imidlalo, lapho esekhefini komunye.

Ngale kokubukela phansi othile nganoma yisiphi isikhathi, kumele umuntu abathulele isigqoko bonke abadlali (abesilisa nabesifazane)



ababambe iqhaza kulo mquhdewano oyinqayizivele.

Sibethulela isigqoko abadlali besifazane boMnyango Wezemisebenzi yoMphakathi.

Wonke amaqembu abemi ngomumo ecijele ukuqala komquhdewano egqoke izimpahla zavo zezemidlalo.

Batshengise ukuzimisela,

umfutho, intshisekelo, amandla, ugqozi kanjalo nokuba nomdlanda kanti babe bancane abathola imihuzukwana engatheni ngenkathi kudlalwa.

## I-Kingdom stars isiwlungele owe netball kazwelonke

Ukuputeni wegembu lebhola lomnqakiswano (netball) IaKwaZulu-Natali iKingdom Stars, uBongiwe Msomi, uthi sebekulungele ukubhekana nezingqungqulu zakwezinye izifundazwe emquhdewaneni weBrutal Fruit Premier Netball League ka 2016 ozoqala ngalempelasonto.

I-Stars izotholana phezelu ne-Eastern Cape Aloes emdlalweni womzuliswano wokuqala walomncintiswano ozokuba seHeartfelt Arena ePitoli ngoMqgibelo ngo 6-ntambama.

UMsomi uthi iqembu lakhe selikulungele ukudlala kulumqhudelwano.

"Ngiyathembisa ukuthi kulonyaka sizozinikela kakhulu ukuze senze kangcono kuna ngonyaka odlule kulumqhudelwano.

Siyazwana futhi siyazana singabatlali uma sisenkundleni ye-netball.

Siziqeqeshe kanzima ukuze sibe sesimweni esigculisayo," kusho uMsomi.

Ngonyaka odlule leliqembu IaKwaZulu-Natali laba ngompetha

besigaba se Division One salomquhdewano kanti laphunyukwa yiqatha emlonyen iehluwlw emdlalweni wokuhlungela isigaba se Premier Division.

Kodwa kulonyaka izinto zishintshile njengoba onke amaqembu esedidiyelwe ndawonye kanti azodlala umquhdewano ohlanganisiwe.

Abadlalil abayi-18 beKingdom Stars bathola ukuqeleshwa okusezingeni eliphezelu ngaphansi kohlelo IoMnyango weZemidlalo nokuNgcebeleka olwaziwa nge-Elite Athlete Development Programme (KZNDSR-EADP) olwenziwa ngokubambisana nesikhungo iPrime Human Performance Institute esizinze eMoses Mabhida Stadium eThekwini.

UMqequeshi waleliqembu uMarchelle Maroun uthi onke amalungiselelo abe yimpumelelo kanti abadlali sebewulungele umdlalo wokuqala ngoMqgibelo.

"Abadlali bathatha ikhefu ngemuva komquhdewano wangonyaka odlule kodwa sabuya sasebenza kanzima.

Siyalibonga ithuba lokuqhube ka nokuba yingxene ye-KZNDSR-EADP esisize kakhulu ukulungiselela le-season.

Bonke abadlali bathi bakulungele ukuncintisana nabadlali abaphezulu eNingizimu Afrika. Sifuna ukabalwa namaqembu aphezulu kulonyaka," kusho u Maroun.

Leliqembu selitheze abadlali ababili abadlalela iqembu lesizwe uElsje du Plesis no Phumza Maweni, osekwenza baba bane abadlali bamaProteas abadlalela i-Kingdom Stars – okubalwa uMsomi noPrecious Mthembu.

Olunye ulwazi lutholakala ku www.eadp.co.za

Uzobe eyithemba IeKingdom Stars ukuputeni uBongiwe Msomi njengoba ezohola leliqembu emquhdewaneni weBrutal Fruit Netball Premier League ozoqala kulempelasonto. Isithombe ngabakwa Gameplan Media



This Is Your Life  
Live It



Access • Equity • Rights Now

# ZIPHINDE ZEHLA IZINGOZI KWAZULU-NATAL NGEHASIKA

Ngokwezibalo ezethulwe uNgqongqoshe wezokuThutha kuzweloneke uNks Dipuo Peters ngemuva kwamaholidi ePhasika zikhombisa ukuthi lesi sifundazwe sehlise izibalo zokufa kwabantu emigwaqeni

## SIBONELO MCHUNU

**Z**ehle ngamaphesenti angu-49% izingozi zomgwaqo esifundazweni saKwaZulu-Natal ngempelasonto yePhasika ngemuva kwemikhankaso ebiyeniwi uMnyango wezokuThutha kanye nokusebenza ngokukhulu ukuzikhandla kwezinhlaka zokugcinwa komthetho.

UMphathiswa wezokuThutha kulesi sifundazwe uMnuz Willies Mchunu ukushayele elikhulu ihlombe ukwehla kwezingozi, wathi kuhombisa ngokusobala ukuthi uma kubanjswene kunganqandeka ukufa kwabantu emigwaqeni yesfundazwe.

Ngokwezibalo ezethulwe uNgqongqoshe wezokuThutha kuzweloneke uNks Dipuo Peters ngemuva kwamaholidi ePhasika zikhombisa ukuthi lesi sifundazwe sehlise izibalo zokufa kwabantu emigwaqeni zisuka kwabangu-55 ngonyaka ka-2015 zafinyeleta kwabangu-28 nonyaka.

Lokhu kukeke lesi sifundazwe ezifundazweni ezintathu ezenze kahle okuyi North West eyehle ngo-71%, Free State yona eyehle ngo-

52% bese kuba iKwaZulu-Natal eyehle ngo-49%.

"Ngesikhathi samaholidi kaKhisimusi, yisifundazwe sethu kuphela esakwazi ukunciphisa izingozi zomgwaqo ngamaphesenti amabili njengoba kula maholidi ePhasika sesiphinde sakwazi futhi ukunciphisa izingozi.

"Lokhu kuyizinkomba zokuthi imikhankaso yethu kanye namasu esiwasebenzisayo ayasebenza kodwa kuningi okusamele sikwenze ukuze siqinisekise ukuthi isifundazwe sethu siphephile ngoba ukulahleka komphefumulo owodwa kusho ukulahleka kwemiphefumulo eminingi," kusho uMchunu.

Yize ukwehla kwezibalo zezingozi nokufa kwabantu kulethe ithembal ngokuziphatha kwabashayeli, uMchunu uwakalise okukhulu ukudumala ngezinye zezigameko ezenzeke kulesi khashana samaholidi ePhasika.

Lokhu kuLanganisa ukubanjwa komshayeli owayeshayela ngesivinini esingu-227 km/h endaweni ka-120 km/h ePark Ryne oGwini Iwesifundazwe. Izibalo ziphinde ziveza nokuthi



UMnuz Willies Mchunu ophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa umphakathi ubizambele mathupha ekubhekeni isimo emgwaqeni ngesikhathi samaholide ePhasika. Lapha ubehambisana neNhloko yoMnyango uMnuz Sbu Gumbi noMnuz Chris Hlabisa oyisikhulu eMnyangweni wezokuThutha kuzweloneke. Isithombe: **SBU ZUNGU**

bangu-246 abantu ababanja ngamaphoyisa beshayela bedle amanzi amponjwana.

"Uma ushayela uphuzile, awuhlkile nakancane nomuntu ophethe inkemba ofuna ukubulala izinkumbi zabantu abamsulwa.

Nalo mshayeli obanjwe endiza ngo-227 km/h ukhombisa ngokusobala ukuthi muningi kakhlulu umsebenzi okusamele wenziwe ukuvuselela onembeza

kubashayeli. Siyanxusa bonke abantu bakulesi sifundazwe ukuba basebenzisane kanye nathi ekulwisaneni nalesi sihlava sezingozi zomgwaqo.

Kulabo abawuhlabe bawulawula umkhosi wokuziphatha kahle emgwaqeni bahlonipha nemithetho yemigwaqo, sidulisa okukhulu ukuziqhenya kubo sithi mabaqhubeke njalo nokuziphatha kahle. Sithi mabanxenxe nalabo

abangayigqizi-qakala imikhankaso yethu ukuba nabo babe yingxenye yekhwelo IoMnyango lokulwa nezingozi zomgwaqo," kusho uMchunu. UMacingwane uphinde washayela elikhulu ihlombe zonke izinhlaka ezisebenze ngokukhulu ukuzikhandla ukuqinisekisa ukwehla kwezingozi, ikakhulukazi amaphoyisa abesebenza ubusuku nemini ukuqinisekisa ukuphepha kwezakhamizi nezivakashi zakuleli.

## UMphathiswa Pillay uhambele izinhlelo zentuthuko yomphakathi eMkhambathini

### SIBONGILE DLANGALALA

UNDUNANKULU wesiFundazwe umnumzane uSenzo Mchunu kanye namaLungu eshShayamthetho baphume ngezinke ukuyobheka izinhlelo zentuthuko kuMasipala waseMkhambathini ongaphansi kuka Masipala omkhulu waseMgungundlovu.

UHulumeni ubezobheka inqubekela phambili kwezentuthuko ngaphansi kohlelo Iwe-Operation Sukuma Sakhe okuhlelo okuhloswe ngalo ukusondeza uHulumeni emphakathini ngokulalela uvo lomphakathi mayelana nezinhlelo zentuthuko. Ngokohlelo lokusebenza uNDUNANKULU wesiFundazwe, uMnumzane Senzo Mchunu kanye noMphathiswa woMnyango wezokuHlalisa kwaBantu kanye nowezeMisebenzi yoMphakathi, uMnumzane Ravi Pillay bebehunyelwe endaweni yaseNyavu ku-Ward 2 eMkhambathini. Baqale ngokuhambela esikoleni i-Table Mountain nokuyisikole esasungulwa ngabezenkolo (missionaries) ngonyaka ka 1876.

Ngenxa yokuzimbandakanya koMnyango wezeMfundu kanye nowezeMisebenzi yoMphakathi ekuvuselelwani kabusha lesakhiwe esinezindonga ezakhiwe ngobunono kanye nenhlanzeko lokhu kwenza uThishanhloko wesikole uMnumzane TS Chili



Kusuka kwesokunxele Ibamba likaMqondisijikele KwaZulu-Natal Mr Frikkie Brooks, uNDUNANKULU wakwaZulu-Natali uSenzo Mchunu kanye noMphathiswa woMnyango wezokuHlalisa kwaBantu neMisebenzi yoMphakathi uRavi Pillay bevakashele eTable Mountain Primary School

abonge angaphezi kuHulumeni. "Ngenxa yokuthi uHulumeni wethu usakhele indawo esizingeni eliphezulu, ngethembeza ukwenza ngcono imiphumela yalesikole" kusho uMnumzane Chili obuye wakhala ngenkinga yokugqekezwu kwezingozi ezifana nomtapo wezincwadi (library) kanye nendawo yokufundisa abafundi ngolwazi Iwamakhompyutha (computer laboratory).

Ekhuluma kule sikole uNDUNANKULU uthe uhlabeki umxhwele ngendlela isikole esiphethwe ngayo nathe uhlelo Iuka –Operation Sukuma Sakhe

kuhloswe ngalo ukusondeza uHulumeni kubantu ukuze kubonakale nezinye izinto eziyisidindo emphathini.

Ube esenxusa uThishanhloko uMnumzane Chili ukuba aqhubeke nokusebenzisana nomphakathi ukugcina lesikole saseTableMountain sihlale sisezingeni. Lelithimba likaNDUNANKULU uMacingwane noPillay libe selidlulela esikoleni iPhangindawo Primary esiphethwe nguThishanhloko uMnumzane S.Ngubane, naso esasungulwa abezenkolo ngonyaka ka-1938.

Ngokombiko kaMbomvu, lesikole kusukela ngo-2013 sisohlelwani

lokulungiswa kabusha ukuze sibe isikole esizobhekela izidingo zabafundi abanokukhubazeka kepho lokhu akuzange kufezeke ngenxa yezingqinamba ezithinta usonkontileka ongazange awuqede umsebenzi emva kokumbiwa emagecekeni esikole nathe kwagcina kungazange kulethwe omunye uSonkontileka ukuzoqedela umsebenzi.

Ephawala ngesimo asibone kulesikole, uNDUNANKULU uwakalise ukungenami ngesizathu sokuthi kukhona umgodi omkhulu owambiba washiwa kanjalo emagecekeni esikole nathe lokhu kunobungozi kubantwana. "Kungiphatha kabi ukubona ukuthi abanye osoNkontileka bawubukela kanjani phansi umsebenzi abawenzayo kanjalo nemiphakathi yasezindaweni zasemakhaya.

Lokhu kumele kuqedwe nya" kusho uNDUNANKULU.

Nakuba uMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi nokuyiwona oneqhaza elibalulekile ekwakhiweni kwezikole ubungeyona ingxenye yokwakhiwa kwaLesikole iPhangindawo, ukuba khona kukaMphathiswa wezeMisebenzi yoMphakathi uMnumzane Ravi Pillay kusizile ngoba uzibonele naye umonakalo kanti uzokwazi ukudlulisela loludaba kuzakwabo ophethe uMnyango wezeMfundu esifundazweni. Lolu hambo Iwe-Operation Sukuma Sakhe luphelele emhlanganweni

womphathi Ophokweni Community Hall nalapho iMeya yaseMgungundlovu District Municipality, uKhansela Yusuf Bhamjee echazele umphakathi ukuthi uHulumeni uzama ngakho konke okusemandleni ukuletha izidingo kubantu lapho behlala khona.

"Nginxusa wonke umuntu olapha ukuba abambe iqhaza ekusizeni uHulumeni ukuze ufineyelele kulokho afisa ukwenzela umphakathi" kusho uKhansela Bhamjee. Khona manjalo umphakathi uthole ithuba lokukhuluma ngqo noNDUNANKULU mayela nezicelo ezahlukene phakathi kwazo okubalwa kuzo ukungabikhona kwamanzi. Lapha uNDUNANKULU ubi esechezela umphakathi waseMkhambathini ukuthi uHulumeni wenza konke okusemandleni ukubhekana nesimo esidalwe isomiso.

"Siyainxusa phakathi ukuiba nisibekazelele njengoHulumeni njengalokhu simataso sizama ukuthola isisombulo senkinga yamanzi njengoba izulu lomisile nje" kunxusa uMacingwane.

Uhlelo Iwe-Operation Sukuma Sakhe Iusalokhu luqhubeke njalo ekusizeni uHulumeni ngolwazi nangezidindo zomphakathi ikakhulukazi ezindaweni ezisemakhaya noghlelo lokusebenza kwama-War Room nokuyiwo asiza ekuhlonzeni izidingo zomphakathi ngokohleo IwemiNyango ehlukene kaHulumeni.

# ONGQONGQOSHE U- SCOTT NO DUBE-NCUBE BALETHA IZINHLELO ZOKUTHUTHUKISA UMPHAKATHI EMAQONGQO

Sinezindawo eziningi ezidayisa utshwala ezingekho emuthethweni okubanga ukuthi izinga lobugebengu libe phezulu kulendawo, namaphoyisa awaziqhakambisi ekumelaneni nalesisimo," kusho iNduna.

## SKHULULIWE KHOZA NO NHLAKANIPHO BUTHELEZI

**U**mphakathi wakuMasipala waseMkham bathini ugeqe amagula wethula usizi Iwalo kuhulumeni wesifundazwe wacela nokophulwa ekuhluphekeni.

Izakhmizi zase Wadi 1 kulo masipala zicelle kuNgqongqoshe wezeziMali eKZN, uNkk. Belinda Scott, ongumholi wezopolitiki obhekelele uMgungundlovu, obeambisana nozakwabo uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuHlanganyela kanye nobuHoli boMdabu, uNkk. Nomusa Dube-Ncube, ukuthi uhulumeni akaggashule amaketanga obubha abophe lo mphakathi ngesikhathi uhulumeni wesifundazwe uvakashele lendawo.

Uhulumeni wesifundazwe ubuhambele uMasipala waseMkham bathini ngaphansi kohlelo Iwe-Operation Sukuma Sakhe watshala ongqongqoshe, izinhloko zeminyango kanye nabasebenzi bahulumeni kumawadi ayisikhombisa ukule kutholakale ukuthi yini izidindo zabantu abahlala kulawa mawadi.

Phakathi kwezinto ezibaliwe ukuthi zikhinyabeza inhlalakahle kule ndawo ukusweleka kwamathuba omsebenzi, ukukhahlanyezwa yisomiso, ukuqubuka kwezindawo ezidayisa uphu zo oludakayo ezingekho emthethweni, ukuxhaphaka kwezidakamizwa, ukuba kude kwestieshi samaphoyisa, kanye nokunye okuningi. Induna yendawo ikhale ngokungabi naso isiteshi samaphoyisa esiseduze okubanga ukuthi amaphoyisa adembezele aphuze nokufika ezimweni eziphuthumayo.

"Sinezindawo eziningi ezidayisa utshwala ezingekho emuthethweni okubanga ukuthi izinga lobugebengu libe phezulu kulendawo, namaphoyisa awaziqhakambisi ekumelaneni nalesisimo," kusho iNduna.

Nakuba kunalezi zikhalo kodwa kukhona abasebenzise leli thuba ukuthi bathathe izinyathelo



UNksz. T. Mthethwa wenkontileka eyakha isikhungo sokuqukatha amanzi azophakelwa eMaqongqo uchazela oNqg. Scott noNqg. Dube-Ncube neNhloko yoMnyango uDkt. Siphiwe Mkhize ngesikhathi behambele kule ndawo.

ezibheke phambili.

UMnu. Mfanafuthi Cele uthi: "Kuyangijabulisa ukuthola leli thuba eliyinqayizivele lokuthi uhulumeni uze mathupha kubantu uzozwa ukuthi izakhmizi eMaqongqo zidingani. Siyabonga ngezinhlelo zikahulumeni zokuthuthukisa umphakathi ngakithi, kepha akwenele. Sifisa ukuthi sibambisane nohulumeni futhi siwulekelele ngokukhomba ukuthi yikuphi lapho kusasile khona."

Izakhmizi ziveze ukuthi kunesidingo sokuthi uhulumeni ubonelele izakhmizi ngezindlu eziyimixhaso ngoba kunemizi ebhidlikayo kanti abanikazi kabanawo amandla okuyakha kabusha. Udaba lokwentuleka kwezinkudla zezemidlalo, ukuchitha isizungu kanye nokuqeqeshwa kwentsha luphakanyisiwe njengodaba olubalulekile. "Abantu abasha bazithola bengenalutho abazolwenza bagcine sebegcwala emathaveni futhi bethatha nezidakamizwa. Sicela uhulumeni

asibonelele ngezinhlelo zokuqequesha intsha kumakhono ehlukene futhi kwakhwiwe nezinkundla zezemidlalo," kusho uThabani Mthabela.

Ithimba lika Hulumeni ebelihambisana neMeya kulo Masipala, uNkk. Thobekile Maphumulo, iNkosi Nhlakanipho Maphumulo, izinhloko zeminyango eyahlukene beyigxene yalolu hlelo bezothula izinhlelo zikaHulumeni baphinde bazibandakanye nomphakathi ngezinhlelo zikaHulumeni eziwlisana nokuhlupheka emphakathini.

Izindawo ezivakashelwe nguHulumeni kubalwa kuzo ithange eligcina amanzi (Reservoir), isikhungo esibhekelela ukukhuliswa kwezingane esibizwa ngePhilamtwana kanye nomtapo wolwazi osanda kwakhwiwa.

Iqhaza elibanjwe yilezi zindawo, ukulwa nenkinga yokushoda kwamanzi, ukuhlenqa nokuthuthukisa kwezingane eziencane nokuthuthukisa kwezemfundo emphakathini.

Amanye amalungu omphakathi abe esenxusa uHulumeni ngokuphuthunyiselwa usizo Iwamazi kwazise kunesomiso esidlanguile. "Kuvamisile ukuthi singabi nawo amanzi izinsu izingingi zilandelana lapha kule ndawo" kusho uSlindile Mathonsi.

UBhekezethu Kunene uqinisekise loluvakasho luka Hulumeni ukuba lizoza nemiphumela emihle "siyakuthokozela ukuthi uHulumeni afike lapha emphakathini wangakithi okusho ukuthi sizobona izinguquko izingingi "sidinga uHulumeni angenelele alekelele abantu abazokulima"

UNqg. Scott ubi esenikela ngezinto zokudlala ezifana namabhola kanye nemifaniswano yezemidlalo esikoleni iNonzila Primary School ebezinkelwe nguMnyango wezemiDlalo nezokuNgcebeleka.

U-MEC Scott wabe esethi bazoqhubeka ukusebinzasa lolu hlelo i-Operation Sukuma Sakhe ukuletha intuthuko nokubhekana nezidindo zomphakathi.

"Sizwile ngezidindo zamanzu umphakathi obhekene nazo, sisezinhlwelweni zokukulungisa loko. Ezinyangeni eziyisithupha kufanelekile sibe sesinaso isizazululo ngokusebenzisa ithange eligcina amanzi, sibe sesizwa ngezidindo ezithinta ezokulima, imali yesibonelelo sezingane kanye nezemfundo.

Lapha sifike netimbala labasebenzi abaphuma eminyangweni eyahlukene bazozielandelela izinkinga ezibhekene nomphakathi baphinde baqophe umbiko ozothulwa kuHulumeni ukuze ubhekane ngqo nezidindo eziphakanyiswe ngumphakathi," kusho uNqg. Scott.

INkosi Maphumulo ikujabulele ukuvakashelwa nguHulumeni neqaza olibambayo ekuthuthukisweni komphakathi.

"Sidinga ukuthi umphakathi ubi yingxene yalezi zinhlelo futhi ubi nobudelwane obuhle noHulumeni ngesikhathi kwethulwa kwezidindo zavo - okuyinto ezoguqula izimpila zabantu," kuchaza iNkosi.

# I DO RIGHT

EVEN WHEN NOBODY IS WATCHING

ANTI-CORRUPTION HOTLINE - **0800 596 596**

KWAZULU-NATAL IS GROWING, DEVELOPING AND CARING!



MR EDWARD SENZO MCHUNU  
KWAZULU-NATAL PREMIER

# UMNYANGO UNGENELELA NGAMA DISTRICT RETREATS

Izihambeli zalomhlangano we District Retreat bezisina zidedelana ngemibono ephusile. Kwimibono ebekiwe ngaloluhlelo kube ngeyokucija abasebenzi ngenhoso yokulekelela othisha ezikoleni.

## NOMPUMELELO GASA

**U**Mnyango wezeMfundu ugasele kwezwakala eMzinyathi District ngaphansi kohlelo luka Mphathiswa uNkonyeni olubizwa ngama District Retreats. Inhoso enkulu yaloluhlelo ukungenelela ezinkingeni ezikhungethe iziFunda nokuze kwaholela ekungenzeni kahle kwimiphumela kamatikuletsheni.

UMnyango uhlanguanele eDundee High School nazo zonke izinhlaka ezithintekayo kwezemfundo (eMzinyathi District) okubalwa kubo, abaqhamuka eMnyangweni wezeMfundu eyisisekelo (DBE), uMphathi wesiFunda, Abahloli, oThishanhloko, ama Subject Advisors, izinyunya, izigungu zabazali nabanye osomabhizini ababambe iqhaza ekulekeleleni ukuthi ezemfundo zibe sezengeni

eliphezulu kulesisiFunda. IsiFunda saseMzinyathi ngaphansi koMnyango wezeMfundu sibe ngesibalulwe njengesiFunda esikhungethe izinkinga eziningi ikakhulukazi ezikoleni.

Lokhu kuhlonzwe emva kokuba amalungu eSishayamthetho KwaZulu-Natal ehambele lesisiFunda ngaphansi kohlelo Inkululeko, okuwuhlelo oluhamuka kwaNdunankulu ngenhoso yokulekelela imiphakathi ezinkingeni obhekene nazo.

Okwaggama kakhulu kuloluhambo kwaba izingqinamba ezikoleni okubalwa ukungaziphathi kahle kwabafundi ngenxa yezinga okusetshenziswa ngazo izidakamizwa, izinga eliphezulu lokukhulelwka kwabafundi, izimpi zezigodi ezigcina zikapakele ezikoleni, izakhwi ezingekho



Dkt. Ngosi Mahaye, eHhovisi lika Mphathiswa u Nkonyeni

ezingeni lezikole kanye nokuholwa kwezikole okungekho ezingeni elifanele. Emva kokuhlonzwa kwalezizinkinga kwabe sekuqokwa ithimba elizolekelela ukuxazulula ngokushesha lezizinkinga ezibikiwe futhi baqhamuke nezindlela zokuzinqanda ukuba zingabhebhetheni.

Emva kokuba amalungu eSishayamthetho ehambele lesisiFunda, uMnyango wezeMfundu awupholisanga maseko kepha waya ngokwawo ukuze ugxile futhi ulekelele kakhulu ekuxazululen lezizinkinga kanjalo neminye iminyango yathutheleka kulesisiFunda ukuze ibone ukuthi ingawulekelela kanjani uMnyango wezeMfundu kulezizingqinamba obhekene nazo, njengoba uMongameli wezwe akubeka kwacaca ukuthi ezeMfundu

zibekwe eqhulwini futhi imfundu eyawo wonke umuntu oyisakhamuzi sase Ningizimu Afrika. Izihambeli zalomhlangano we District Retreat bezisina zidedelana ngemibono ephusile. Kwimibono ebekiwe ngaloluhlelo kube ngeyokucija abasebenzi ngenhoso yokulekelela othisha ezikoleni, imihlangano egquqzuela ukusebenziana kwezikole kanye nemiphakathi, nokusebenza ngokuzikhandla ukuze isiFunda senze kangcono kwezemfundo kuwona wonke amazinga ikakhulukazi kwimiphumela kaMatikuletsheni.

Lama District Retreat azohambela zonke iziFunda, ukuze kuphuculwe imiphumela yabafundi KwaZulu-Natali

## UNkonyeni uhalalisele abadle ubhedu kuzwelone

## NOMPUMELELO GASA

Injabulo ibibhalwe emehlwani kuMphathiswa wezeMfundu uNkk Neliswa Nkonyeni ehalisela abasebenzi abakonyeliswe uNgqongqoshe wezeMfundu eyisiSekelo uNkk Angie Motshekga emcimbini obizwa nge Excellence in Education Awards.

Lendumezulu yomcimi bebihanjewo izona zonke izifundazwe ibibanjelwe ePresidential Guesthouse ePitoli.

UNkonyeni uzishaya isifuba ngalaba baholi, "Ngihalalisela iKwaZulu-Natal ngalaba baholi, siyaziqhenya kakhulu ngabo.

Ngiyafisa engathi lunganda uhlolo Iwaboholi abanje, kuyacaca ukuthi siyi KwaZulu-Natal singenza ngcono kakhulu ukuphucula ezeMfundu eziFundazweni," Kubeka okaNkonyeni.

Eghuba uMphathiswa unxenxe labaholi ukuthi balekelele nabanye abasebenzi boMnyango ukuze iKwaZulu-Natal kube isiFundazwe esihamba phambili.

iKwaZulu-Natal yenze ezibukwayo iqoqa izindondo ezimqoka emcimbini wokukomelisa iFundazwe ezenzekahle kwezeMfundu eNingizimu Africa. Imikhakha emithathu ebalulekile

ikhale yemuka ne KwaZulu-Natal. Kulemikhakha kubalwa indodo ekhale yemuka no Mnuz Bheki Ntuli onguMqondisi wesiFunda saseMlazi ebizwa nge Excellence in District Leadership and Management.

UNtuli uchonywe uphaphe Iwegwalagwala uNgqongqoshe uMotshekga ngokuba umholi osebenza ngokuzikhandla futhi ohola ngobuqotho.

Kuzokhumbuleka ukuthi uMlazi ungezinye zeziFunda ezinesibalo esiningi KwaZulu-Natal ngenxa yenani labafundi ababalelw ka 23 000.

"Ukubaqwaqwada bonke abaqondisi bezifunda kuzwelone kusho luhlu kithina siwuMlazi futhi siyiKwaZulu-Natal ngoba kusho ukuthi sisebenza ngokuzikhandla.

Lendondo akusiyona kuphela eyami kodwa eyawowonke umsebenzi osebenza ngokuzikhandla nangokuzinikela ukuphucula izinga lemfundu esiFundeni sase Mlazi."

Oka Ntuli uqhubeke ngelokuthi uzmisele ukulekelela nabanye abaqondisi bezifunda ukuze iKwaZulu-Natal ibe seqhulwini

ngemfundu esezingeni eliphezulu. "Lendondo ayisho ukunethezeka kodwa isho ukuthi ngisebenze kakhulu kunakuqala."

Kuphetha uNtuli. Indodo yesibili ithathwe uMnuz uBheki Kubheka onguThishanhloko wesikole iPhendukani Full Service School ngaphansi kwesiFunda sase Majuba.

Lendodo ibizwa nge Improved Full Service School kuzwelone, ngalendondo uNgqongqoshe uncome umsebenzi omuhle owenziwa uMnuz uKubheka ukuphucula lesisirole kanye nomphakathi osakhele ngoba loluhlobo Iwezikole Iuyizikole ezibandakanya nabantwana abaphila nokukhubazeka.

"Ngalendondo ngizizwa ngijabule kakhulu ngoba kusho ukuthi umsebenzi esiwenzayo siyiPhendukani useqophelweni eliphezulu."

Engingakubalula nje ukucobelela ozakwethu ukuthi isikole sethu siyisikole esisebenzisana kakhulu nomphakathi, siphinde sibhekelele kakhulu abantwana abakhubazile ukuthi bayalekeleka esikoleni abashiwa ngaphandle kuzona zonke

izinhlelo," Kuphetha uKubheka. Eyesithathu indodo imuke no Nkk Cally Maddamms onguThishanhloko wase Dannville Park High owenze kahle kunazozonke izikole kuzwelone kwmiphumela kamatikuletsheni yango 2015 ngokuzu u 100% yemiphumela no 100% wama Bachelors.

IDannville ayigxilile kuphela ekwenzini kahle kwimiphumela kamatikuletsheni kodwa igcizelela ukufunda nokufundisa ekusezingeni eliphezulu kuwona wonke amazinga emfundu.

"Kusukela ngonyaka ka 1994 iDannville iphumelela ngo 100 % kumatikuletsheni kuthi kusukela ngo 2008 iphinde yalokhu iphumelela ngo 99 % Bachelors.

Siyisikole kuyasithokozisa kakhulu ukuhamba phambili kuzwelone ngomsebenzi esiwenzayo, lendondo ikhombisa ukuthi sizikhandla kangakanani ukuze senze kahle emfundweni kuyacaca ukuthi asisebenzeli izinga le siFundazwe kodwa sizibek ezingeni lokuqophisana kuzwelone," kubeka uNKK Maddamms. UNgqongqoshe wezeMfundu eyisiSekelo uNkk

Angie Motshekga uhalalisele bonke abahlomule ngezindondo, wabe esegquqzuela labo abangaphumelelanga ukuthi bangaliphonsi ithawula kodwa babhukule kakhulu kunakuqala.

Ube esegquqzuela abawinile ukuthi baphindele emuva bangasongi izandla kodwa bacobelele nabanye ngolwazi ukuze zithuthuke izikole zaKwaZulu-Natal.

Eghubeka nenkulomo yakhe uNgqongqoshe ukucizelele ukuthi imfundu eyawowonke umuntu oyisakhamuzi akuyona nje eka thisha nomfundu kuphela.

"Ngalomcimb wokukomelisa abasebenzi abenze kahle kwezeMfundu sigquqzuelo ukuzikhandla nobuqotho ekusebenzeni kweziFunda neziFundazwe, ngalokhu sinethemba lokuthi kwenza omkhulu umehluko ekunyuseni izinga lemfundu futhi liphocule nemiphumela kamatikuletsheni kuzwelone," kuphetha uMotshekga.



## 2016: A YEAR OF ACCOUNTABILITY AND QUALITY MANAGEMENT



# OWEZOKUTHUTHA NOHLELO LOKUSIZA ABASHAYELI EMIGWAQENI EMIKHULU

■ Okwamanje lolu hlelo lusahlolwa ukusebenza kwalo kodwa ngokubona ukuthi iningi labashayeli liyaluthakasela sizokwenza izinhlelo zokuthi lusabalale futhi,” kusho uMabaso.

## NONHLANHLA NDWANDWE

**U**Mnyango wezokuThutha usuqalise ngohlelo Iwezikhungo zokwelekelela abashayeli kuleyo mgwaqo ephithizelayo ngenhlosu yokugqugquzelu kanye nokubafundisa ngokubaluleka kokuphumula ngemuva kokushayela ibanga elide kanye nokuhlonipha nokwazi imithetho yomgwaqo. Lezi zikhungo seziqalile emigwaqeni emikhulu yesifundazwe, uMnyango uhlanguyela kuzona nabeKwaZulu-Natal Liquor Authority, South African Tourism, Abe-Road Accident Fund, Rural Road Transport Forum kanye namanxusa ezokuphepha emgwaqeni. Kulo mkhankaso kuba khona izivimba-mgwaqo lapho abashayeli bermiswa ngenhlosu yokubheka izincwadi zokushayela bese befundiswa ngezokuphepha emgwaqeni kanye nokubaluleka kokuphumula ngemuva

kokushayela ibanga elide bese benkwa namanzi okuphuza. Bahlinzekwa nangemibhede uma bengazizwa besesimweni esikahle sokuqhube ka nohambo ngenxa yezimo ezahlukene, inkombandla (map) kanye namaphakeshana anemiya lezo yokuphepha ngaphakathi.

UNks Thoko Mabaso wophiko Iwezokuphepha emgwaqeni eMnyangweni uthe lolu hlelo lusungulelwu ukuthi abashayeli baqonde kabanzi ukuthi uMnyango uyabanakekela njengabashayeli kanye nokuphepha kwabo.

“Okwamanje lolu hlelo lusahlolwa ukusebenza kwalo kodwa ngokubona ukuthi iningi labashayeli liyaluthakasela sizokwenza izinhlelo zokuthi lusabalale futhi,” kusho uMabaso. Ut he selokhu lolu hlelo luqalile ukuhlolwa kwalo esikhathini cishe ezimpelasontweni ezimbili sebethole izincomo eziningi ezvela kubashayeli bezinhlanga ezahlukene bebonga bencoza

eMnyangweni ngokuthi ngalo lolu hlelo kuzohlengeka izimpilo zabo njengoba behuthazwa ukuthi bagcine imiyalelo yomgwaqo zikhathi zonke. Omunye wabashayeli abasebeniza kakhulu umgwaqo uMnuz Sipho Luthuli uthe bakujabulela kakhulu ukuba khona kwalezi zikhungo ngoba kubanika ithemba lempilo engcono kanye nokuphepha.

“Ukubonakala kwalezi zikhungo kanye namaphoyisa omgwaqo kuyasijabulisa kakhulu singabasebenzisi bomgwaqo ngoba lokho kwenza ukuthi sithole ithuba lokuthola amasu okuziphatha kahle emgwaqeni kanye nokuphumula okuyinto esingayinaki njengabashayeli njengoba sisuke siphuthuma ukufinyelela lapho siya khona,” kusho uLuthuli.

Lezi zikhungo sezifikile emigwaqeni emikhulu okubalwa kuyona u-N3 eBergville, N3 eMidmar kanye naku-N2 eKokstad.



UNks Thoko Mabaso enabasebenzi bezokuphepha emgwaqeni befundisa abashayeli ngokubaluleka kokuziphatha kahle emgwaqeni. Lapha bebesikhungweni ebeseNdundulu, eShowe. Isithombe: **ZINGISA HLATHI**

## Kumele balawulwe nguHulumeni onogada emarenki - Mchunu

### SIBONGISENI THABETHE no MABUYI XHOBA

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnuz Willies Mchunu, uthi ukufakwa konogada abaqashwe nguHulumeni emarenki amatekisi kungubufakazi obusobala bokuzibophezelu koMnyango wakhe ekuqedeni udlame embonini yokuthutha umphakathi.

Ngempelasonto yePhasika uMchunu wethule inkampani yonogada ezoqapha erenki yamatekisi ePort Shepstone kulandela izinselelo nokungqubuzana kososeshini abehlukene ngonyaka odlule kule ndawo.

Kube nethemba elikhulu ukuthi isimo sizokuba ngesinozinzino ngenkathi uMnyango wezokuThutha, uMasipala waseHibiscus Coast, amaphoyisa nenkampani yonogada iKSS besayina isivumelwano sokuzibophezelu ukuqinisekisa ukuthi uyalandelwa umthetho. “Lokhu kuyingxene yezinlelo zethu zokungelela ekwenzeni ngcono ukuphepha nokuqedu udlame embonini yamatekisi.

Ngemuva kokuvumelana nalabo soseshini abasebenza kule ndawo, njengohulumeni sazibophezelu ukuthi sizokwenza lolu hlelo” kusho uNggongqoshe “Yingakko sesiqashe inkampani yonogada ezosebenza ngqo noHulumeni namaphoyisa.

UMasipala usiqinisekisile ukuthi ngonyaka wezimali ozayo bazobheka izinhlelo zokwenza ngcono ukulawulwa kwerenki, kuLanganisa ukufakwa kwamaboom gate namakhamera amacCCTV”. “Konke lokhu



UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu neMeya yaseHibiscus Coast uKhansela Nomusa Mqwebu ngenkathi besayina isivumelwano nenkampani yonogada iKSS kanye namaphoyisa sokuqinisekisa ukuphepha erenki yasePort Shepstone. Isithombe: **SBU ZUNGU**

kukhombisa ukuzibophezelu kwethu ngasohlangothini lukaHulumeni. Sizoqhubeka futhi sisebenzisane neSANTACO ukuqinisekisa ukuthi siba nemboni yamatekisi engenalo udlame KwaZulu-Natal,” kuchaza uMchunu.

Ut he uMnyango ufe kulesi sinqumo sokuqasha onogada ngoba ezindaweni eziningi izinkampani eziqashwa ngososheshini zigcina kuyizona ezibeka izimpilo zabagibelengozini.

Ulinganise ngokuthi eMandeni phambilini kuke kwadubulana onogada kodwa ngenhlanhla kwangafa mutu. Ut he amaphoyisa aqoqa amagabolondo ezinhlamvu angu-400 kuleso sigameko.

Nokho, uMchunu usekuqaphela ukuthi kunabashayeli bamatekisi abebesakhombisa ukungahambisanu nalolu hlelo ionogada ePort Shepstone abagcine sebenza umbhikisho ngeledlule. Kulokhu uMchunu uthe kuyamangaza ukuthi kunabantu

abangahambisanu nemizamo kaHulumeni yokuqinisa izinhlelo zokuphepha ezihlose ukusindisa izimpilo zabantu.

“Ukuthuthukiswa kwezokuphepha kuqinisekisa ukuthi abagibel kanye nabashayeli baphephile. Lolu hlelo yinto okwavumelana ngayo zonke izinhlaka ezithintekayo ngonyaka odlule ngemuva kokuvula kwezingxabano.

“Inkampani yeziokuphepha isisayine isivumelwano sokusebenzisana kanye namaphoyisa ukuqinisekisa

ukugcinwa komthetho. Ngakho-ke kuyamangaza ukuthi abantu baphikisane nezinhlelo zalolu hlolo,” kuqhuba uMchunu.

Lolu hlelo lukaHulumeni lokungelela kwezokuphepha emarenki luqalise eNewcastle ngasekupheleni konyaka odlule kulandela iminyaka eminingi yodlame obelubandakanya ososeshini abahlau. Njengamanje lolu hlelo lusebenza kahle eNewcastle futhi selusize ukuba isimo sibe nozinzo endaweni.

# UMNYANGO WEZOBUCIKO NAMASIKO UTHULELA ISIGQOKO ODLE UMHLANGANISO

Ubuciko bamafilimu buyalikhulisa izinga lomnotho wezwe futhi lokho sekubonakele nasemazweni afane no- Nigeria, ngakho-ke kubalulekile abantu abakule ndima benze kahle sibathulele isiggoko.

## STHEMBISO SHANGASE

**U**Mnyango Wezobuciko Namasiko ubongele uMnu Senzo Zindela ngokumela lesi sifundazwe kowezindondo zikazwelone kwezamafilim, ama-SAFTAs. UZindela ongowokuzalwa Ezinqoleni, ogwini oluseningizimu yesifundazwe, uhlabane ngendondo yokuba ngovelele ngokusungula Ugu Film Festival emcimbini wokuklonelyiswa ngezindondo obuse-Gallagher Estate, eGoli.

INhloko yoMnyango Wezobuciko Namasiko uNkk Sibongile Nzimande uthi abantu abafana noMnu Zindela yibona abathuthukisa ubuciko ngaphandle kokulinda kuze kube khona umuntu othi abasukume.

Amanye amafilimu kaMnu Zindela aseke abonakala nasesiteshini sikamabonakude i-Mzansi Magic.

"Ubuciko bamafilimu buyalikhulisa izinga lomnotho wezwe futhi lokho sekubonakele nasemazweni afane no- Nigeria,

ngakho-ke kubalulekile ukuthi uma abantu abakule ndima benze kahle sibathulele isiggoko" kuchaza uNkk Nzimande.

UMnyango uthi uZindela usebuya ngisho naphesheya kwezilwandle eyoncela ulwazi ekukhiqizweni kwamafilim, yingakho-nje abantu abasha kumele basike iphethini kuyena.

UMnyango nawo uyasifaka isandla ekuthuthukiseni amakhono entsha kwezokulingisa njengaloku kunabalingisi abanjengoNksz Pretty Ncayiyane noMnu Siyanda Mdluli abathole ukuqequesha ngaphansi kwezinhlle zoMnyango manje asebeke babonakale emidlalweni kamabonakude okuyi -Skeem Sami kanye ne- Generations.

UNkk Nzimande uthi intsha esivele ingene kule mboni yokulingisa ayibhukule ilande ezinyathelweni zikaMnu Zindela; kanjalo naleyo engakangeni mayazi ukuthi le mboni inemisebenzi eminingi engayifundela.



USenzo Zindela ongomunye bakulesisifundazwe abahlomule ngezindondo zikazwelone kwezamafilim ama SAFTAs.Uklonyeliswe ngendondo yokuba ngovelele ngokusungula Ugu Film Festival. Isithombe: LUNGI CHILI

## UNgqongqoshe wezempi KwaZulu-Natal uDkt Sibongiseni Dhlomo unxusa ukungelela kwabazali kolwezidakamizwa

### AGIZA HLONGWANE

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo usenxuse abazali ukuba bavikele abantwana babo fthi babaqwashise ngobungozi bezidakamizwa ezidla lubi kulezi nsuku.

Imibiko yakamuva iveza ukuthi bekwembulwa kwembeswa eMgungundlovu kwintsha engu-23 okusolwa ukuthi ibidle isidakamizwa esisha esibizwa nge-mercedes.

Lentsha ingeniswe ezibhedlela ezahlukene zase-Mgungundlovu ngamaholide ePhasika.

"Sishaqke kakulu futhi sidumele ngendlela isivinini salezizidakamizwa ezingumbulalazwe esihamba ngaso. Ngesonto eledlule iminden eNyakatho yeTheku ibigcwaba aizingane ezimbili ezibulawe izidakamizwa, manje sekuyindawo yaseMgungundlovu.

"Sikhulumu nje intombazane eniminyaka engu-20 ubudala isesimeni ezingesihle esibhedlela

i-Northdale eMgungundlovu ngenxa yazo belu izidakamizwa. Njengoba bekuvulwa izikole kuleli sonto sinokwesaba ukuthi ukusetshenziswa kwalezi zidakamizwa kungahle kusabalale.

Ngakho-ke sinxusa bonke abazali nalabo nababheke abantwana kulesi sifundazwe ukuba baqaphe abantwana babo ngeso lokhozi ukuze bangangeni ogibeni Iwezidabamizwa ngoba zibulala isizwe," kuxwayisa uDkt Dhlomo.

Isigameko sase-Mgungundlovu silandela esaKwaMashu lapho izingane ezingu-44 ezazisemicimbini yokuzijabulisa zangenisa ezibhedlela emva kokuthatha izidakamizwa, nokwagcina ngokuthi izingane ezimbili zidlule emhlabeni.

UNgqongqoshe Dhlomo unxusa abazali ukuba baqaphele lezi zimpawu ezilandelayo, bese bephuthuma bafune usizo uma bezibona:

- Ukuzwa amazwi angekho
- Ukubona izinto abanye



UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal, uDkt Sibongiseni Dhlomo, usexwayise ngobungozi bezidakamizwa kwintsha

- abangaziboni
- Ukujabula ngokweqile
- Ukuhlale ikhathelo
- Ukuba nodlame
- Ukuba nexhala
- Ukuphalaza
- Ukuba nezinhluu kwesingeza

"Kumele sonke sibambe iqhaza njengomphakathi, ngoba uHulumeni ngeke ayinqobe lempi yokuvala izidakamizwa eyedwa.

Ngakho sinxusa zonke izinhla ukuba zibambe iqhaza ukulwa nomkhuba wokusetshenziswa kwezidakamizwa okubonakala

kubhebhethuka kuhle okomlilo wequbula.

Ngifisa ukwazi ukuthi angabe abathengisa lezizidakamizwa bayizinika yini izingane zabo na? Abaziniki. Kungani bengaziniki? Yingoba bayazi ukuthi zibulala isizwe."



**"Sinxusa bonke abazali nalabo nababheke abantwana kulesi sifundazwe ukuba baqaphe abantwana babo ngeso lokhozi ukuze bangangeni ogibeni Iwezidabamizwa ngoba zibulala isizwe"**

uDkt Dhlomo

# IYISIBUKO SESIFUNDAZWE I-CONFERENCE CENTRE YOMNYANGO WAKWAPUBLIC WORKS ETHEKWINI

Ukwakhiwa kwale ndawo kube ubuhlakani obuqhamuke noMnyango ekuhlangabezaneni nenkinga yokongiwa kwemali ngokuqashwa kwamahhotela nezindawo eziphambili ukubamba imihlangano

## SPIWE MAPHUMULO NOKIRU NAIDOO

**N**jengoba isiFundazwe iKwaZulu-Natal sisemkhankasweni wokonga imali yabakhokhi bentela (cost cutting measures), imiNyango eyahlukene kaHulumeni wesiFundazwe nayo yenza konke okusemandleni ukuthi kongiwe imali yabakhokhi bentela.

Sikhulumna nje uMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi kulesi Fundazwe sewakhe isithabathaba sikadeda ngendlale wehholo lokubamba imihlangano esezeningeni eliphezulu, eThekwini Conference Centre yesamba esiyizinkulungwane eziyishumi nanye zamarandi (R11million).

Ukwakhiwa kwale ndawo kube ubuhlakani obuqhamuke noMnyango ekuhlangabezaneni nenkinga yokongiwa kwemali ngokuqashwa kwamahhotela nezindawo eziphambili ukubamba imihlangano yavo, kinalokho loMnyango wanquma ukuguqula esinye isakhiwo esabe sisetshenziswa njenge-Workshop yokwenza imisebenzi efana nokusikwa kwensimbi, ukwakha amakhabethe neminye imisebenzi, sibe i-Conference Centre.

Lendawo yaguqulwa ngobuchule yenziwa i-Conference Centre kanokusho nesiphenduke isibuko sesiFundazwe ngoba yonke imiNyango isiyalelwu ukuba isebenzise sona uma inemihlangano yavo kunokuyochitha imali emahhotela. Ubufakazi balokhu ukuthi ngisho

imihlango yesiGungu sokuphawa kwesiFundazwe (Cabinet) nayo isike yabanjelwa kulendawo.

Ngesonto eledlule lesakhiwo kade sisingethe umhlangano kazwelonek wabaPhathiswa bemiNyango yezeMisebenzi yoMphakathi (MINMEC) eholwa nguNgqongqoshwe wezeMisebenzi yoMphakathi kuzwelonek, uMnumzane Thembelani "Thulas" Nxesinofike wababaza ubuchule boMnyango wakwaPublic Works esiFundazweni ngesu elingandile lokonga imali yabakhokhi bentela ngokwakha "lesakhiwo esiwundabuzekwayo nesitshengisa ukuzimisela koMnyango ekuhlangabezaneni noHulumeni kazwelonek ekongiweni kwemali, nokumele kusahayelwe ihlombe" kusho uNxesi.

Echazela uNgqongqoshe kazwelonek ngale sakhiwo, uMphathiswa wezeMisebenzi yokuHlalisa kwaBantu kanye nowezeMisebenzi yoMphakathi, uRavi Pillay uthu uMnyango wabona kungcono ukuguqula igushede (workshop) elidala ukwakha lesakhiwo kunoqala kabusha isakhiwo esisha.

Uthe "kumanjenje isifundazwe cishe sesonge imali elinganisela ezinkulungwaneni ezimbili zamarandi (R2 million) nebizo setshenziswa ekugasheni amanye amahholo okungewona akaHulumeni selokhu sivuliwe ngonyaka owedlule njengoba



Kwakuyinjabulo yodwa uMphathiswa uRavi Pillay ephahlwe amalungu eSishayamthetho kanye nezikulu zoMnyango mhla kuvulwa lesakhiwo ngokusemtethweni

neminye imiNyango kaHulumeni isisebenzisa sona ukubamba imihlangano yaso" kusho uPillay.

Ukuqashwa kwaLesakhiwo kunesasasa elikhulu neminye imiNyango kaHulumeni ngoba kusukela sivuliwe sesibambe imihlangano elinganisela ekhulwini namashumi amahlanu (150). Ngenxa yesasa ekuqahweni kwaLesikhungo

ngeminye imiNyango kaHulumeni, uMphathiswe uPillay uncokole noNgqongqoshe uNxesi wathi "nami sekuke kwenzeke ngithi ngifuna ukusibenzisa ngitishwelwe ukuthi sekugcwele", kuncokola uPillay.

Lesakhiwo sinehholo elikhulu eliqanjiwe ngeSilo sakwaDukuza, iLembe nelingahlala abantu abangaphezu kwamakhulu

amahlanu (550) kanti ngaphakathi kunamanyi amahholo amancane okubamba eminye imihlangano okwuMkhanyakude, uGu kanye noMzinyathi.

Lesakhiwo siqashiselwa imiNyango kaHulumeni kuphela hhayi umphakathi.

## Ukuhlala uphilile ngokwabantu bonke kubalwa nalabo abangabasebenzi bakaHulumeni

### AGIZA HLONGWANE

NgoLwesihlanu mhla ziyi-18 kuNdasa ku2016 kube kunomqhudelwano wezeMidlalo woMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi ezinkundleni zemidlalo e-Arbour Park, e-Newcastle.

Lo mqhudelwano wezemidlalo uyinhansi yethemba njengalokhu abasebenzi bebona inguquko emsebenzini.

Lo mqhudelwano ukhombisa inhlanganisela yezinhlelo zomqashi kanye nezabasebenzi ukuze kuthuthukiswe ukusebenza kwabasebenzi.

Lokhu kuye kwafezekiswa ngokuba kudidiyele ukuthuthukiswe kwendawo yokusebenzia kanye nokukhuthaza ukubamba iqhaza ngokuzimisela kwabasebenzi ezinhelweni zezempiro emsebenzini.

Ngakho-ke, lo mqhudelwano wezemidlalo ubugxile kukona kokubili; ukuletha uzinzo emsebenzini kanye nokuphila kahle kwabasebenzi.

Ikomidi lezemidlalo lomnyango elisemthethweni (elinamalungu cishe ayi- 15) lithulwe ngokusemthethweni ngabaphathi abapezulu ukuba lengamele ukuhelwa ngempumelelo kwezemidlalo emnyangweni.

Umnyango ugonyaze ukuba kube nemiqhudelwano yezemidlalo njalo emumva kwezinyanga ezintathu okuzoqala kuwona lonyaka wezimali ozosingathwa ngokuzungeza kuzona zoxine izifunda.

Lolu hlelo liphinde lwelekelele abasebenzi bezeMisebenzi yoMphakathi ukuba bahlale bephile kahle futhi bezilungiselela umqhudelwano wezemidlalo weminyango kahulumeni wesiFundazwe waminyaka yonke njengalokhu wathulwa ngokusemthethweni yiHovisi likaNdunankulu cishe emnyakeni eyiskhombisa eyedlule, okumanje sewenganyelwe nguMnyango wezeMidlalo Nokungcebeleka.

Kwabe kunezinhlobo ezahlukahlkene zemidlalo

okuyibhola likanobhutshuzwayo labesilisa nelabesifazane, ibhola lomnqakiswano, umdlalo wokudonsiana ngendophi (tug-of-war), i-volleyball, imidlalo yasebebada (ibhola likanobhutshuzwayo labesilisa nelabesifazane) kanye nemidlalo yendabuko (umlabalaba).

Ngabasebenzi cishe abangama-127 bakuwo wonke amazinga ngokwemisebenzi ababebambe iqhaza kule midlalo.

Lo mqhudelwano wenganyelwe uPhiko Lwezempiro neNhلالahle Yabasebenzi.

Ngaphezu kwalokhu, imihlomulo yemiqhudelwano yezemidlalo ikakhulu kuba ngabasebenzi abaphilile, ukwenyuka kwemiphumela yokusebenza, abasebenzi abahlala bethokozile nabakhuthazekile, ukuncipha kokuhamba kwabasebenzi, ukuncipha kobungozi bezifo, ukuncipha kwezindleko zokuya ezibhedlela, ukwanda kwethuba lokuheheka kwabasebenzi abasha, kanye nokuthuthuka kwegama

lomnyango. Ziyancomeka kakhulu zonke izinhlelo abaphathi abaziqalisile zokuthi abasebenzi bakwazi ukwengamela ngokwabo kanjalo nokwenza ngcono izinto ezinomthelela ongmuhle ezimpilweni zabo.

Nakuba kungeyona impoqo ukubamba iqhaza kumanoma yimuphi umdlalo, ukuzibandakanya ezintweni ezikhuthaza ezempiro emsebenzini kuba momphumela wabasebenzi abaphila kahle nabahlala bethokozile emsebenzini okuholela ekutheni umsebenzi wenziwe kangcono kanjalo nokuncipha kokuphutha emsebenzini.

Ekuqhubekeni nalolu hlelo lwezemidlalo, umnyango uzbeka endaweni enhle yokwenza ngcono indawo yokusebenzia kanjalo nezimo zabo bonke abasebenzi; ukuqhubeka nokuqwashisa ngezempiro kanye nokugqugquzelu ukuguqula indlela yokuziphatha; ukugxila kwezempiro kanye nenhlalakahle ybabambiqhaza; ukugxila

kwezempiro okukhuthaza isiko lokusebenza, ukuqhubeka nokubuyekeza izinqubomgom nezinquo kanjalo nokusebenzia indlela enesisekelo ekubhekaneni nomsebenzi kanye nendawo yokusebenzela.

Ngaphezu kwako konke ukugxekwa, ezemisebenzi kahulumeni ziqashe abantu ukuba bahlinzeke izinsiza kwizakhamuzi zeze kanti nabo abasebenzi bakahulumeni bangabantu.

Nabo imbalu, bafanelwe ukunikezwa ithuba lokuhlala bephilile njengalokhu bengabantu futhi bengabasebenzi bakahulumeni.

Ngakho-ke, ukuhlala uphilile kungokwabo bonke abasebenzi kubandakanya nalabo okungabakahulumeni. Kungabe uzmisele ukuzibandakanya nethimba labasebenzi abathi besebenza futhi bebe behlala bephilile?

# UNGQONGQOSHE WEZOLIMO UMNIZANE UCYRIL XABA USABALALISE IZINHLELO ZOKUSIZA ABALIMI NOMPHAKATHI WASE BUHLEBEZWE

UmNyango ususisize ngokusakhela amaDiphi okuphuza imfuyo, wasisiza ngemithi yokugoma saze sanikezwa nethuba lokufundiswa kabanzi ngemikhiqizo yemfuyo efana nesikhumba.

## LONDIWE NGIDI NO XOLISWA MNGUNI

**U**kuhlukanisa ngokwezindawo nokufaneleka komkhiqizo kungolunye lwezinhele umNyango weZolimo osusebenzela phezu kwavo ukuze kugwemeke ukutshalwa kwemikhiqizo engazilungele izindawo ezithize, kulahleke amakhulu ezinkulungwane zamarandi ezifakwe kulowomsebenzi.

Umsebenzi ugcine ungasizanga ekubeni kusetshenziswe imali kaHulumeni ngenhlosi yokusimamisa izihlangano nemisebenzi yabalimi.

Uhlelo lokwakhiwa kwepulazi elikhqiza ubisi endaweni yaseMadungeni eMazabekweni kuWard 12 ngaphansi kwaMasipala iBuhlebezwe kungubufakazi bokuqala kokusebenza kwaloluhlelo. Indawo yaseXopo ikhqiqa isigidi esisodwa samalitha obisi ngosuku.

Lesi kube yisizathu esinqala esenze kufinyelelw esinquwmweni sokuba kwakhiwe le deli ezokhqiqa ubisi lusatshaliswe yonke indawo.

Lomsebenzi kulideleke ukuba uthuthukise abalimi abazobamba iqhaza kulumsebenzi. Ithimba lomNyango weZolimo lenze uwaningo oluvezekwabu abalimi kule ndawo bafuye izinkomo



Abafundu base Khuluma Primary bethokoza kanye noNgongqoshe wezoLimo nokuThuthukisa kwemiPhakathi yaseMakhaya uMhlonishwa uCyril Xaba emva kokuqala kokusebenza kwamanzi afakwe umNyango eBuhlebezwe namaphethelo.

**Isithombe:** **MBUYISELO NDLOVU**

ezingaphezu kuka 600, okuyisibalo esidengekayo sokusiza ukuqala leliDeli elizokwakhwa.

Kuhlewe ukuthi lakkhiwe eplazini elibizwa ngeTexas Valley elingamahektha angu 4300, kepha kuzosetshenziswe ingxenye engamahektha angu 227. Inhlosi yepulazi elikhqiza ubisi ukusiza abalimi ukuze babambe iqhaza eliphelele embonini yokukhiqizwa kobisi.

"Abalimi abamnyama benethulizi lokwenza umnotho kodwa aliko kumnotho, lihamba eceleni kanti lingumgogodla wezoLimo." kusho uXaba.

Umsebenzi wokwakhiwa kwale deli uzodla imali elinganiselwa ku R20 million, ukunakekelwa kwemfuyo ngokudla nangezempi, ukulungiselela umhlabo, ukubuyisela amadamu esimeni, ukunisela nokunye okuzosiza

ukuba leliDeli ibeli yi deli esesimeni esamukelekile. Umnuzane Themba Dlamini ongu Sihlalo eBuhlebezwe wenhangano yabafuya, ubonge ubuholi buka Ngongqoshe uXaba kanye nombo wakhe wokusebenza ngalendlela ezoqinisekisa ukukhiqiza ngokuphelele endaweni abakuyona.

"UmNyango ususisize ngokusakhela amaDiphi okuphuza imfuyo, wasisiza ngemithi yokugoma saze sanikezwa nethuba lokufundiswa kabanzi ngemikhiqizo yemfuyo efana nesikhumba.

Siyafisa, futhi sizimisele ngokuba ingxene yokwenza leProjekthi ye Deli ibe impumelelo." Kuchaza uDlamini onguSihlalo

UNgongoshe uCyril Xaba ugqquzele labalimi ukuba bafake izinkomo zabo uphawu ukuze kwehliswe izinga lokutshontshwa kwemfuyo.

Uphinde wachaza nokuthi ukufakwa kophawu kungamsiza umlimi noma imfuyo yakhe isamdukele. Uphawu lungaqinisekisa ukuthi uma itholakala iyaziwa ukuthi ekabani UNgongoshe uchazele abafuya ngohlelo lapho kuzobakhona ibhuku lokubhalisa izinkomo zomlimi ngamunye ukuze kubhalwe phansi isibalo semfuyo

onayo nesibalo semfuyo ayidayisela umlimi ngamunye.

OkaNonkosi usuke lapha wabuye wahambela indawo yaseMadungeni eku Ward 12.

Kuloluhambo abalimi nomphakti wonkana bacela ukuba umNyango ubasize ubakhele amapitsi azophuza abantu nemfuyo njengoba naledawo nayo isakhahlamezekile ngenxa yesomiso.

Akachithanga sikhathi uMnumzane Xaba ukuphendula isicelo somphakathi, umNyango wakhe umphakathi amapitsi amathathu endaweni yaseSigubudwini, eSidwadweni kanye nasesikoleni iKhuluma.

LamaPitsi adle imali engango R600 000 kanti asiza imindenengaphezu kuka 100. Lokhu kulindeleke ukuba kulethe usizo oluzokwenza umehluko ezimpilweni zabantu bendawo yizekusenesomiso.

UThisanhloko waseKhuluma, uMnumzane Cele uthi, "Siyajabula kakhulu ngalePitsi uMnyango osakhele Iona.

Phambilini besibhekene nenkinga enkuI yamanzi njengoba imifula ayikho eduze futhi ishile ngenxa yesomiso, nezingane bezibuye zingafiki esikoleni ziyolanda amanzi kude."

## Luzobuyekezwa udaba lokuvuselelwa kwengqalasizinda yembonwa Irrigation Scheme

### BUYANIMA-AFRIKA MKHULISE

Bahlezi ngaghezu linye abalimi baseMbonwa Irrigation Scheme endaweni yakwaMachi eHarding njengoba belindele ukuzwa ukuthi isicelo sabo sokuthuthukiselwa ingqalasizinda yomhlaba abalima kuwo sizophumelela yini.

Lokhu kalandela imibiko ethi isicelo sabo, esesihambane saze safinyelela ehhovisi elamukela noma lichithe izinhlelo ezidinga uxhaso ezivela kwifunda zeZolimo eziseNingizimu yesiFundazwe saKwaZulu Natali, sizofakelwa izibuko sicutshungulwe kabusha.

Ukubuyekezwa kwalesi sicelo yi Provincial Steering Committee yomNyango kalandela ukuba imizamo yalo mfelandawonye yokuzitholela imali engu R2 million oyngxene elinganiselwa ku 50% okudingeka ukuba ibe nawo ukuze umNyango nawo uyihihangabeze ngemali efanayo singaphumelelanga emuva kokufaka isicelo sokuboleka imali emabhangue.

UMnu. Njabulo Ntshangase, onguMphathi wehhovisi laseZinqoleni Sub-District uthi kuyingqubomgomu yomNyango ukuthi abalimi abafaka izicelo

zokuthuthukiselwa ingqalasizinda emhlabeniyokulima kumele bafake esitsheni u50% bese nomNyango nawo ufafe omunye 50% njengesibophezeloyokuzimisela nokusebenzisana.

UNTshangase uthi izizathu ezidala ukuba udaba IweMbonwa Irrigation Scheme lubuyiselwe ezithebeni ukuthi umfelandawonye usuyizamile imizamo yokuthola uxhaso Iwemali engu 50% kepha okwamanje ayikaphumeleli.

"Ngenxa yokuthi lomfelandawonye unayo incwadi engubufakazi obuvela ebhange eshoyo ukuthi isicelo sabo asiphumelelenga, udaba Iwabo luzobuyela ezithebeni ze Provincial Steering Committee lapho kuzocutshungulwa ukuthi akukho yini okungekwenziwa.

"Sonke-ke okwamanje silinde imiphumela yalelikomi," kusho uNtshangase. Ukuphumelela noma ukuchithwa kwsicelo yi-Provincial Steering Committee kuzokusho ukuthi le ndawo yaseQwebela eku ward 4 ngaphansi kukaMasipala waseMuziwabantu izoba yini yingxene yezindawo ezigudle imifula ezizothuthukiswa

zibengamasimu ngaphansi kohlelo olubizwa nge-River Valley.

Ngaphansi kohlelo Iwe River Valley, umNyango wezoLimo uhlela ukuthuthukisa imihlaba egudle imifula ukuze iphendulwe ibe yizingqalasizinda zemboni yezolimo ngokubambisana nabalimi lapho kuzotshalwa khona imikhiqizo yezolimo iphinde ithuthukiswe khona ngaphambi kokuba ithunyelwe ezimakethe.

Lo mfelandawonye wawufake isicelo sokuthuthukiselwa ingqalasizinda emhlabeniyokulima elima kuwo ehlanganisa inkasa entsha, ucingo lokubiya, ogandaganda, ukwakhelwa indawo yokugcina impahla yokusebenza kanye nendawo yokugcina nokuhlunga isivuno.

UNTshangase uthi, emuva kokwamukela isicelo esivelakulo mfelandawonye, umNyango wathumela ithimba lonjiniyela bezolimo, nososayensi bezolimo kanye nabeluleki bezolimo ukuba bayoyihlola le ndawo ukuze kubonakale ukuthi isimo sayo sinjani nanokuthi ingasizakala kangcono ngaphansi kwaluphi uhlelo. "Kwabonakala ukuthi le ndawo eseduze nemifula

ikulungele ukuphendulwa i-River Valley project. Sibe sesihlanganisa isicelo salolu hlobo lohlelo.

Isicelo sabo sibe sesicutshungulwa i-Local Steering Committee sadlula imigudu efanele saze sayofika kwi Provincial Steering Committee. Okwabe sekusala ukuba baqhamuke no 50% ukuze nomNyango ufafe u 50%," kusho uNtshangase.

IMbonwa Irrigation Scheme iyinsimu yomphakathi endala engamahektha angu 38 agudle usebe Iwemifula emibili eyasungulwa ngumNyango wezoLimo eminyakeni engu 28 edlule.

Ngenkathi isungulwa lendawo umNyango wakha idamu lokunisela, watshala inkasa ehamba ngaphansi komhlabathi waphinde wayibiyela.

UMnu, Bhekinkosi Mhlamvu, onguSihlalo weMbonwa Irrigation Scheme uthi bafake isicelo sokuthuthukiselwa ingqalasizinda ngenxa yokuthi lendawo isindala, ucingo olwaluyibyele le nsimu selugugile kanti nenkasa ebebeyisenzisa ukunisela ibisivuza.

"Yizo-ke lezi zizathu ezadala ukuthi izinhlangano zabalimi ezahlukene okubalwa kuzo iSukumani, Ubuhlebendalo kanye Noshikishi nezibhaliswe ngaphansi komfelandawonye obizwa ngeMbonwa/Ushikishi Irrigation Scheme Cooperative zifake isicelo sokuvuselelwa ingqalasizinda yale nsimu," kusho UMhlamvu.

UMnu Alson Ndimande, onguSekela Sihlalo weMbonwa Irrigation Scheme uthi bona njengomfelandawonye bayakuthokozela ukuzwa ukuthi udaba Iwabo alulahlwanga eceleni kepha kusekhona imigudu umNyango osazama ukuluqhabela kuyo.

"Thina silindele noma yini noma ngabe ivela kuphi uma nje ithi nantu usizo eniludingayo.

Isinqumo esizothathwa yi Provincial Steering Committee noma ngabe siyasivuna noma siyasichitha siyosemukela.

Siyaqonda ukuthi abasenzela kona kungapezu kwamandla ethu," kusho uNdimande echaza ngokuzinikela kwabo emsebenzini abawenzayo.

# BANIKWE ITHEMBA BEMUKELA IMIYEZANE EMAKOLKISHI EZOLIMO

Abafundi bezolimo ngiyabathembisa ukuthi uqequeso Iwabo Iuzosetshenziswa ekuthubathuthukiseni kwezolimo njengebhizininsi kanye nesifundo socwaningo

## BRENDA MQWAMBI NO MBONGENI NDWANDWE

**S**iphinde safika lesosikhathi lapho abafundi bethweswa imiyezane emva kokusebenza kanzima iminyaka emithathu begeqeshelwa ukuba abalimi emakolishi amabili omNyango weZolimo okuyi Owen Sithole College of Agriculture kanye neCedara nayo eyikolishi lezolimo. Womabili Iamakolishi angaphansi komNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemPhakathi yaseMakhaya. Ukubaluleka kwalemicimbi kubonakale ngokuhanjelwa kwayo yiSilo SaMabandla uGoodwill Zwelithi Zulu onobudlelwano obuhle nalomNyango. Ukwaze ukuphumelela emcimbini obuseMpangeni ekolishi elidume nge Cwaka. ISilo sixwayise abafundi ukuthi bangabheki kuphela ekuqashweni, basebenzele abanye abantu nezinkampani kepha uphonsele inselelo kubafundi ukuba basebenze kanzima ukuziqalela imisebenzi yabo. Lokhu kungomunye wemibono yomNyango ukuthi abalimi basebenze bafike ezingeni lokuzimela. "Ngiyazi iningi lenu licabanga ukuthi lizophuma lapha bese liya kofuna imisebenzi eminyangweni kahulumeni ehlukene" kuphawula iSilo. "Ngiyadabuka ukunibikela ukuthi uhulumeni imali anayo ayanele ukuniqasha, kunalokho naye uhulumeni ubheke ukuthi iningi lenu lisungule imisebenzi ukuze nikokhe intela okuyiyo imali athembele kuyo" kubeka iSilo. Umbono kaNgqongqoshe uXaba ukuthi wonke Iamapulazi aselele, avuke asebenze, akhiqize

njengakudala. Ukuze kufinyelelelele kulokhu umNyango usucwaninge waze waphuma nohlelolo lokusiza abantu abangaqashiwe ekubeni beneziqo kwezolimo. Phakathi kwalaba abafake izicelo emNyangweni kukhona abazoqashwa ukuba basebenze emapulazini abuyiswa ngokohlelo luka hulumeni. Loluhlelo kubhekeke ukuthi Iunikeza labafundi isipiliyon somsebenzi laphinde Iusize ukudluliselwa ulwazi kubasebenzi nabahlali base mapulazini ebebevele besebenza uqhubeke umkhiqizo ngaphi kokuba ipulazi lidluliselwe emphakathini. ISilo siphonsele umNyango inselelo ukuthi welule isandla ngokuxhasa abafundi abasanda kuphuthula ukuze bakwazi ukuziqalela imisebenzi yabo. UNggongqoshe uqinisekisile ukuthi lohlelo luzoba yingxene yenkulomo yakhe yeSabelozimali somNyango salonyaka ka 2016/2017. Lababafundi kuhloswe ukuba basatshalaliswe kulawo mapulazi abuyela imiphakathi ngokohlelo luka hulumeni. Inging lawo emva kokubuyela emphakathini abe esebhekana nezinselelo eziningi, okubalwa kuzo uqequeso olunganele kubanini abasha bepulazi, kuphende kuge indlela yokuphathwa kwamapulazi.

Phezu kwalengqinamba uhulumeni abhekene nayo, uNgqongqoshe uqinisekisile abafundi ukuthi bakhethe umkhakha omuhle okuyiyo kahle njengoba lomkhakha ungakwazi ukudala abathuba amanangi emisebenzi. "INingizimu Afrika isesimweni esidinga kakhulu abantu abafunde baphinde



UNggongoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kwemPhakathi yaseMakhaya uMhlonishwa uCyril Xaba kanye ne Silo SamaBandla ngesikhathi kwethweswa imiyezane kubafundi bamakolishi omNyango okuyi Owen Sithole College of Agriculture kanye ne Cedara. Owamukela imiyezane uNkosinathi Zungu osephothule izifundo zakhe kwezolimo. **Isithombe:** **MBUYISELO NDLOVU**

bacwaninga ngezolimo njengoba izwe lisabhekene nesomiso" kusho uMnuz Xaba. UMongameli wezwe uJacob Zuma enkulumeni yakhe yesizwe wagxila kakhulu ekutheni kuzomele kuvuselele umnotho walelizwe, ngakho ke ezolimo kumele zibambe iqhaza ekufukulen umnotho wakuleli. UXaba ube esebaqinisekisa abafundi ngaloluhlelo wabanxusa ukuba bazilungiselele bafake amagama abo ukuze umNyango uzokwazi ngabo futhi uma beyifica imininingwane edingekayo babe sethubeni lokuqasheka ngaloluhlelo ekubhekeke ukuthi Iuvale igebe kwezolimo. UmNyango umataswa wenza izinhlelo zokuba nohlu Iwabaneziqo zolimo ukuze basetshenziswe ekutheni bafakwe kulezindawo ezidinga ukusetshenzwa ngokwezolimo.

Enye yezinto edale ukungaphumeleli kwamapulazi asebuyele emiphakathini kubu, ukungabi khona koqequeso olwanele kulabo ababuelwe umhlabu, ukungakazi ukuqhaba umsebenzi wokuphathwa kwamapulazi. Enye ingqinamba enku kuloluhlelo kubu ukushoda kwezimaketha ezikade zikhona ngaphambi kokudluliselwa kwamapulazi emphakathini.

Lokhu kwenze uhlelo luku hulumeni obeluhlose ukuba abamnyama babambe iqhaza eibonakalayo kulomkhakha, lugcine lubonakala lungatrholi izithelo. UmNyango ubheke ukvala wonke lamagebe avulwe ukushoda kolwazi ngemboni yezolimo ekubeni ususezandleni zomphakathi. "Abafundi bezolimo ngiyabathembisa ukuthi uqequeso Iwabo Iuzosetshenziswa

ekuthubathuthukiseni kwezolimo njengebhizininsi kanye nesifundo socwaningo, baphinde bathole ulwazi olubaluleke kakhulu lokuphathwa kwamapulazi" kuqhaba uMnuz Xaba. Ube esexwayisa abafundi ukuthi bagxile kakhulu ekuqaleni amabhizinisi abo ezolimo bangabheki ukuqashwa kodwa babe ngabaqashi.

Okunye okusezinhllelweni zokuthuthukisa abafundi abaqedqeshelwa ezolimo kungukuthi abafundi bathi beqeda ukufunda iziqo kulamakolishi bebesebethole nezincwadi zokushayela njengoba umsebenzi wabo uthinta kakhulu ukushayelwa kwezimoto ezinkulu kanye nawo gandaganda.

Lokhu kuzobasiza kakhulu ekulungeleni ukusebenza kulendima.

## UMnyango uxhase inhlango elekelela ukunakelela kwamahhashi nezimbongolo

### SIMPHIWE NDWANDWE

Phezu komsebenzi omkhulu onikwe umNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemPhakathi yaseMakhaya wokuqinisekisa ukubakhona kokudla okwanele esifundazweni uphinde ubhekelele inhlakahle yezilwane zasekhaya ezifuywayo. Yingakho uHulumeni uqashe odokotela bemfuyo abanangi ukuze basebenze emiphakathini edinga lolu sizo. Akwejwayelekile ukuthi kubekhona ukunakekelwa kwamahhashi ngezinga elifanayo nelezinye izilwane. Lokhu yikhona umNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemPhakathi yaseMakhaya esifundazweni uzmisele ukuthi ukulungise UMhlonishwa uCyril Xaba, onguNgqongqoshe walo mNyango, uhambele esinye sezikhungo esibhekele ukunakekelwa kwamahhashi eCato Ridge, phakathi koMgungundlovu neTheku.



Lesi sikhungo Siqale ukusebenza ngonyaka 2009 ukubhekelele inhlakahle yamahhashi nezimbongolo sakulesi siFundazwe. UNksz Gill Olmesdahl obhekelele lomsebenzi, uthe umsebenzi wabo uncike kakhulu ekutholeni uxhaso zimali kubantu emphakathini nasezinhlanganweni ezizimele noHulumeni abanelukuluku lokugcina impilo

yamahhashi nezimbongolo igculisa. Amahhashi ahlala kule ndawo ngasuke esalahlwa ngabankazi noma bengenawo amandla ukwanakekela futhi esesimweni esingagculisi sempilo. Utthe iqhaza likaHulumeni wesiFundazwe liyababazeka kulesi sikhungo njengoba ufake imali edala ukuthi ukusebenza kubelula. Utthe kumanje bamatasatasa

balungiselela ukuvula isikole esizoqeqesha abantu abasha abazotshalwa emiphakathini yesiFundazwe ukuze bafundise ngokunakekelwa kwamahhashi. Indawo enamahhashi amanangi KwaZulu-Natali yiseBergville kanti lesi sikhungo sisebenzisana nemiphakathini yakuleya ndawo kakhulu kulesi siFundazwe.

UGill uthe labo abazothola uqequeso bazohlala khona esikhungweni bese behamba njalo ngemuva kwamasonto amabili bayosebnzisa ulwazi asebelutholle kulesisikhungo.

Lokhu kuukushaya izinyoni ezimbili ngetshe eliodwa njengoba labo abayobe sebephothule izifundo zabo bezothola amathuba emisebenzi kubuye kusizakale nemiphakathini enezimbongolo namahhashi. Ngokuvamile ongoti bezokwelapha kuba ngabantu abaqeqeshelwe ukunakekelwa kwezinkomo, izimbizi, izimvu

nezinkukhu kanti akuvamile ukuthi kubu nabantu ababhekele ngqo ukwelashwa kwamahhashi nezimbongolo.

UNggongqoshe uXaba uthe uHulumeni ulishayela ihlombe leli qhaza elibanjwe yilesi sikhungo ekusizeni imiphakathini yasemakhaya yingakho umNyango wafaka izimali ukuze kuthuthukiswe isikhungo siqhubeke nomsebenzi waso.

Ngesikhathi esekhuluma mayelana nepulazi elenza kahle ebelinezinkinga zembango kwaMponi ngaphansi kukaMasipala waseMkhambathini uthe kumjabulisa kakhulu ukuthi abone izinguquko ezinqala selokhu kwaxazululwa iziyaluyulu.

Utthe uHulumeni ulangazelela ukubona labo ababenikwe umhlabu bewusebenzisa ngokuzuzisayo ukuze kwandiswe umkhiqizo wokudla kusunguleke namathuba ebhizinisi.